# UKUPHELELA

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Sanibona ekuseni, bangane. Ngiyajabula ukuba phakathi kulokhu ukusa, futhi ngingedlulisa ukuphawula okufanayo kumfowethu. Ngangimethembise ukuba sekusakazeni, futhi nga—ngakugeja ngeviki elilodwa, futhi ngeviki elizayo ngakukhohlwa. Ngakho ngicabange ukuthi okwesithathu kufanele kube yi—yisikhathi ngempela, okufanele ngikwenze ngaso.

2 Ngakho bengilapho nje, ngomzuzu owodwa wesikhathi, umzuzu owodwa nje. NoMfowethu Snyder ubengaphandle, ngakho sathi shelele ngokukhulu ukushesha, futhi—futhi ekugcineni sangena ekusakazeni. Futhi ngicabanga ukuthi sibacasulile, yilokho esikwenzile, ngenkathi singena kanjalo, kancanyana nje. Ngakho . . .

3 Futhi bengilapha, ngehla, ngicabange ngendikimba engizoshumayela ngayo, niyazi. Futhi ngokwejwayelekile ngeyami, kuthatha cishe ihora nohhafu. Futhi cishe bengineshumi nanhlanu, imizuzu eyishumi nesishiyagalombili yawo ukuwuqala, ngase-ke ngibheka phezulu, newashi elikhulu lathi sekuyisikhathi sokuba ngihambe. Ngakho sizoqhubeka ngoMgqibelo ozayo, noma ngesinye isikhathi. Kunjalo.

4 NgeSonto eledlule, sasisesahlukweni 10 samaHeberu, sasesiqale evesini 1, futhi asibange sisaqhubekela phambili.

5 Ningazikhohlwa izinkonzo eIndianapolis kuleliviki. Uma noma ubani wenu, noma ninanoma yibaphi abangane enhla ngaleyondlela, ngani, bhalani nibatshele. Izinkonzo zizoqala kusasa ebusuku ngelesikhombisa nqo, eCadle Tabernakele eIndianapolis. Futhi kunenqwaba yendawo yokuhlala, cishe abantu abayizinkulungwane eziyishumi nanye eyo—eyobahlalisa. Futhi yingqunqguthela encane, yi—yinhlangano encane. Ngempela angazi ngisho nokuthi yini igama lenhlangano. Bano—nombuthano lapho, noma ingqungquthela.

6 Futhi kulengqungquthela bangicele ukuba ngibe yisikhulumi sasebusuku. Ngakho i . . . Ngicabanga ukuthi inhlanganyelo uqobo lwayo, ibandla, inhlangano kuphela nje inamalunga, ambalwa nje kabi kabi. Futhi ngakho . . . Bese kuthi-ke, ngesikhathi sasebusuku, ngine—nenkonzo yokukhuluma njalo ebusuku, ngoMsombuluko kuya kuLwesihlanu. NgoLwesihlanu ebusuku ngukuphela kwengqungquthela. Ngakho, ninabangane khona lapha eIndianapolis, ngani, yenyukani impela.

7 Futhi zingamashumi amabili-nantathu, ukusa kwamhla zingamashumi amabili-nantathu, uma kwenzeka kuba

nomunye ohambela ngapha, useholidini lakho nje; njengoba kuyinyanga yeholide, ngokwejwayelekile, uJuni. IMinneapolis, oSomaBhizinisi abangamaKristu uMhlaba wonke inengqungquthela yabo eMinneapolis. Nenkonzo yokuvula imhla zingamashumi amabili-nantathu, ibrekfasti. Ibrekfasti lasekuseni limhla zingamashumi amabili-nantathu zikaJuni. Ngizokhuluma ebrekfastini lasekuseni, ngivula inkonzo.

8 Bese-ke, zingamashumi amabili-nane, ngiyobe ngisekhona eMinneapolis, futhi kuyoba seTabernakele iHeart's Harbor, noMfundisi Gordon Peterson. Futhi banohlelo olusakazwa kwitelevishini lapho. Ngakho uma—uma nikhona endaweni, ngani, thanini gqi.

9 Bese kuthi-ke mhla zingamashumi amabili-nane, noma zingamashumi amabili-nhlanu, njalo, kuqala ingqungquthela, futhi sibakhona. Kuwuhlelo olungejwayelekile ngempela. UMnu. Roberts, uMnu. Hicks, nami uqobo, abanye abaningi abefundisi, uzobakhona. Futhi akukho-hlelo oluhleliwe. OsomaBhizinisi abangamaKristu, bengoSomaBhizinisi abangamaKristu beFull Gospel, babefuna nje ukukushiya kuvulekile, kunoma yikuphi uMoya oNgcwele ozothi akwenziwe; sibe lapho sonke. Futhi ngakho abakaze babenenjalo, futhi abazange bazise nganoma yiziphi izikhulumi. Ukukhuluma kuphela—ukukhuluma okwaziswa ngakho ngu—ngukusa kwangamhla zingamashumi amabili-nantathu. Ngifanele ngikhulume kwibrekfasti labo, futhi lokho kumenyezelwe. Kungenjalo, sizoba lapho nje sonke, silindele kuMoya oNgcwele. Lokho kufanele kube kuhle ngempela, akufanele na? Uma nje singahle sonke sizinikele kuMoya oNgcwele, yilokho-ke, futhi sidedele Yena asisebenzise ngendlela Azo—Azofuna ukusisebenzisa ngayo manje.

10 Bese kuthi-ke inkonzo elandelayo eyenziwe uhlu, engiyaziyo, nguMbuthano omdala waseMgwaqeni uAzusa. Yi. . . Lowo uzobakhona ziyishumi nanhlanu kuSeptemba. Ngivula inkonzo lapho yombuthano wamazwe ngamazwe waseMgwaqeni uAzusa; iminyaka engamashumi amahlanu yepentekoste eUnited States. Baneminyaka engamashumi amahlanu ubudala, kuloSeptemba ozayo, mhla uMoya oNgcwele uqala ukwehlela eMishini yaseMgwaqeni uAzusa. Endala. . . Ngikholwa ukuthi kwakuyimishini endala yamaBaptisti, noma eMgwaqeni uAzusa eLos Angeles, eCalifornia, yilapho uMoya oNgcwele wehlela khona kuqala, eminyakeni engamashumi amahlanu eyedlula, loSeptemba ozayo.

11 Futhi ngenkathi ngiseCow Palace, eminyakeni ethi ayibe mibili edlule, ngathi. . . Awu, amashumi amahlanu, igama elithi *pentekoste* lisho "amashumi amahlanu," ngakho yingani nje singabi nawo umbuthano omkhulu. Futhi, niyazi, lokho kokhela umlilo, futhi banombuthano wamazwe ngamazwe. Futhi uzobanjelwa eTempelini iAngeles. Futhi izinsuku ezinhlanu

ngaphambi kwalokho, ngizokwenza uhambo lwezindawo ezibonakala ngasikhathi sinye khona lapha ezindaweni ezehlukene. O, ezansi eEast Gate na . . . noma ngiqonde iSouth Gate, futhi kwenyuke njalo kuyongena e—edolobheni lase . . . O, amaningana alawomadolobha amancane, amadolobha amahlanu ehlukene, ukwenza uhambo oluncane lwamadolobha abonakala ngasikhathi sinye, inkonzo yobusuku obubodwa, bese ngiyongena ngqo e—embuthanweni omkhulu.

12 Futhi uma ningaseCalifornia, noma phandle lapho, abanye benu abavela eCalifornia, nikukhumbule lokho. Silindele isikhathi esikhulu senhlanganyelo nabantu bakaNkulunkulu ngalesosikhathi.

Manje sizoke sikhuleke.

13 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga, kulokhu ukusa, ngelihle, ithuba elihle kakhulu esinalo lokuza singene eBukhoneni baKho, ngezinhliziyo ezijabulayo nokubonga, ngenxa yokuthi uJesu iNdodana kaNkulunkulu isivumele kakhulu kangaka ukuba senze lokhu. Nomusa waYo usifikise kulesisikhathi. Futhi siyajabula ukuba sibe lapha namhlanje.

14 Siyajabula ukuba nalendawo encane sindawonye. Yindawo evulekile, iBhayibheli elivulekile, izinhliziyo ezivulekile, ukwemukela iZwi likaNkulunkulu noMlayezo waKhe. Futhi sikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzofika futhi ugcwalise yonke imifantu yenhliziyo yethu ngobuhle baKhe, njengoba sifunda iZwi laKhe. Ngokuba kulotshiwe, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Ngakho, O Nkulunkulu, vula umlomo wethu namhlanje, ukuthi kuzoba nguWe okhulumayo, nezinhliziyo zethu, ukuthi kuzoba nguMoya oNgcwele ukuzwa. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

15 NgeSonto eledlule, eNcwadini yamaHeberu, siqale ngesahluko 10, sase-ke sehlela kwenye indaba, singazi nje ukuthi uMoya oNgcwele uzosiholela ekubeni—ekubeni sifundise kuphi, ayikho eqondwe ngaphambili, nje silinde ukunyakaza kwaKhe. Sibuyele emuva ekwazini ngaphambili, kusukela kulokho.

16 Ake nisho, kambe, ngiyajabula ukubona uDadewethu Hooper ehlezi lapho, kulokhu ukusa. UDadewethu Flo, ngijabula ngempela ukukubona. Abaningi benu bangahle bangamazi, abanye benu. Futhi ubephethwe yisifo sofuba iminyaka ngeminyaka, futhi sewababeka embhedeni, futhi esizweni sonke jikelele, ezama ukuthola ukukhululwa. Futhi, namhlanje, siyajabula ukuba naye ehlezi etabernakele, ebukeka ekahle, namhlanje. Akabongwe uNkulunkulu!

17 Manje, umbhali weNcwadi iletha yamaHeberu kucatshangwa ukuthi kwakuwuPawulu, ngoba izwakala njengokubhala kwakhe. NeNcwadi iletha yamaHeberu yayibhekiswe kumaJuda, amaHeberu. Futhi kwakunguPawulu

ezama ukwehlukanisa umthetho emseni, ebonisa u—umehluko phakathi kwalokho umthetho owawuyikho, nalokho umusa oyikho, ngoba amaHeberu wayephansi komthetho. Manje-ke uPawulu wayezama ukubabonisa ukuthi umusa wawuyini. Futhi ngicabanga ukuthi, uqobo lwami, ukuthi isahluko 10 lapha, nevesi 1, kuzoba wukhiye ophelele entweni yonke.

18 Manje sinesahluko 1, siqala ngaso. "UNkulunkulu, emandulo, ngezindlela eziningi wakhuluma kobaba ngabaprofethi, kodwa ngalolusuku lokugcina ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu."

19 Siwelele esahlukweni 7, ukubonakala kuka "Melkisedeki."

20 Sehlela esahlukweni 9, so "bupristi," ukuthi uKristu uba kanjani ngumPristi wethu oMkhulu, ukuthatha indawo yompristi omdala omkhulu.

21 Bese-ke sikuletha ngale esahlukweni 10, siyangena, "Umthetho uyisithunzi sezinto ezizayo."

22 Singena esahlukweni 11, futhi konke kumayelana ne—nezithunzi ezimangalisayo zokukholwa, amaqhawe okukholwa, ukuthi kwaba kanjani "ngokukholwa" ukuthi enza into *enje-nenje*. Nokuthi kanjani, "Ngaphandle kwethu babengenakupheleliswa, ngoba bangabesithunzi salokhu okuzayo." Bese-ke siyongena esahlukweni 11, futhi uPawulu . . .

23 Noma, isahluko 12, uPawulu ethi, "Lokhu sihaqiwe yifu elikhulu lofakazi, masilahle konke okusindayo, nesono esithandela kangaka kithi, ukuze sigijime ngokubekezela ekuncintisaneni esikubekelweyo."

24 Isahluko 13, isahluko esigcinayo, sasho, sigcina kulokhu, ngasekugcineni, ukuthi uJesu Kristu uyikho konke-kukho konke, ukuthi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Niyabo? Kukhombisa ukuthi kwakunguKristu emuva ngaphambi komthetho, kwakunguKristu emthethweni, kwakunguKristu ngezinsuku zomusa, futhi kuyoba nguKristu phakade. "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Isithombe esihle kanje pho iNcwadi iletha yamaHeberu esipendela sona.

25 Manje, kuqala futhi manje ngevesi 1, asibuyele emuva. NgeSonto eledlule, sicabang ukuthi siyongena endabeni yoku *phelela*, kodwa-ke uNkulunkulu wasibuyisela emuva futhi sathola *ukwazi ngaphambili*, kusibonisa ukuthi kukuphi lokho ngaphambi kokuba kuze kubunjwe izwe. . . Bangaki owayelapha ngeSonto eledlule na? Asibone isandla sakho. Nikutholile na? Ngaphambi kokuba kuze kubunjwe izwe, sabekwa kuKristu. Kucabangeni nje.

26 UNkulunkulu, engongenasiphelo, Ongeqambe amanga, ongekhulume noma yini ephambene, wazi konke, njengoba nje ephelele ekuqaleni njengoba Enjalo ekupheleni, futhi njengoba nje ephelele ekupheleni njengoba Wayenjalo

ekuqaleni. UNkulunkulu akapheli, njengePhakade. Ungeke uze ulithole ikhona lendingilizi ephelele. Ubungagijima ugijime iminyaka, nePhakade, futhi ngeke kubekhona neze, neze, neze kubekhona ukuphela kuyo. Futhi yileyondlela uNkulunkulu ayiyo. Futhi ngenkathi Eba ngowokuqala, kwaku . . . uNkulunkulu, owayekhona njalo, Wayengongenasiphelo, ephelele, kwasekuqaleni, futhi Uyohlala njalo efana. Angeke neze aguquka. Ufana ngokuphelele.

27 Manje leliketango elikhulu lokuphelela lagqashulwa yindawo yesikhathi. Kwafika isikhathi, ngenxa yesono. Ake sidwebe isithombe sesikhathi. Ake sibone indingilizi ephelele, kuze kube-phakade, kuze kube-phakade. Bese-ke, khona manjalo, isono saqathakela phakathi, sasesifaka e—encane . . . Njengoba umkami ekubiza, nge "qhuzwana lensimbi," noma ithonsi elincane eketangweni. Ngakho, kuyehla manje. IPhakade liqhubekela phambili, kodwa alikho esimweni salo esiphelele. Nasi isikhala esincane esehlayo, kugqabuka *ngapha*, kuphume *ngapha*. UNkulunkulu wadingeka ukuthi enze lokho ngoba uSathane kwakubangelwe nguye. Futhi kwaqathakela endaweni yesikhathi, ukuba kuvivinywe, futhi kupheleliswe, nangokuhlanjuluwa kwabalahlekileyo. Ukuthi, uNkulunkulu ngomusa waKhe wobukhosi, kuthi ngolunye usuku aphakamise leloqhuzu elincane lensimbi, noma isikhala, kubuyele endingilizini ephelele, bese-ke ilokhu igingqika nje ngokufanayo. Niyakubona na?

28 Isikhathi! Manje, isikhathi sinjengesihibe; kuhibela phansi. UJesu wayevela ePhakadeni eya ePhakadeni, kodwa wathatha igxathu wangena endaweni yesikhathi futhi wenziwa inyama, wase efika edlula lapha ukuze angcwelise, noma abeke umushwe weGazi kuyo yonke lendawo, ukuyihlenga futhi abuye ayixhumanise noNkulunkulu futhi, kulolonke iPhakade. Niyakubona na? Yilokho-ke isikhathi esiyikho.

29 Manje-ke, uNkulunkulu, ngenkathi kuqala lapha, ekupheleni kwefindo elincane endingilizini ephelele, okwenza ifindo elincane kuyo. Ngenkathi uNkulunkulu eqala lapho, Wayephelele. Yonke into Ayisho yayiphelele. Yonke into Ayenza, ayenzayo, iphelele.

30 Ngakho, manje-ke, iBhayibheli lasho, ukuthi, "UKristu Jesu wayeyiWundlu elihlatshiweyo selokhu," ukuqala kwefindo elincane, "kwaqala umhlaba." UKristu wahlatshwa ekuqaleni. Manje, Akazange ngempela ahlatshwe kwaze kwaba yiminyaka eyizinkulungwane ezine kamuva. Kodwa, isizathu sokuthi wahlatshwa ngalesosikhathi, ngoba, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." Uyakubona, Mfowethu Egan, ukuthi ngiqonde ukuthini na? Niyabo? WayenguNkulunkulu, ekuqaleni. Futhi ngenkathi . . .

31 Manje, uSathane wayenga . . . aka—akasidalanga lesisihibe esincane, leliqhuzwana lensimbi. Akakudalanga lokho. USathane akakwazi ukudala. USathane angaphendukezela kuphela lokho okudalwe nguNkulunkulu.

32 Bukani, ngisho lokhu ukuze niqonde. Leli yiklasi labadala, futhi iningi lethu lonke impela lingabantu abashadile, cishe amapesente angamashumi ayisishiyagalolunye. Futhi ngethemba ukuthi izintombi iyaqonda iphimbo lazo, engi . . . Niyangiqonda, nje ukuchaza nabesilisa okuthize.

33 Uma indoda izithathela umfazi, owesifazane, bese eba ngumkayo, bese behlala ndawonye njengendoda nomfazi iminyaka engamashumi amahlanu; bahlanzekile nje futhi bamsulwa futhi abanasici sengathi abakaze bazane. Lokho, lolo wuhlelo lukaNkulunkulu. Kodwa ukuba lowo wesilisa noma owesifazane ukuba ahambe futhi ahlale nomuny'umlisa noma owesifazane, lokho kuyaphendukezela, kwenza ukuba kuzalwe abantwana besihlahla. Kodwa uma behlala ndawonye kulokho kuzwana okuphelele, leyo yindlela kaNkulunkulu. Kodwa uSathane uyafika azulazule bese efaka inkanuko kowesilisa noma owesifazane, bese behlala ngokuphambana nalezozifungo zomshado, nalokho kungukuphendukezela. Kuyilo impela udaba locansi, kodwa luphendukezelwe.

34 Ngakho yilokho uSathane akwenzayo ngento kaNkulunkulu eqondileyo, uyayiphendukezela. Yilokho uSathane akwenzayo namhlanje ngowangempela, oyiwo uqobo. Lalelani. EMlayezweni kaNkulunkulu wangempela, uyaWuphendukezela, enze enye into, aWenze uqhamuke usungenye into engesiyo.

35 Ezweni namhlanje, sithola ukuthi kukhona abantu, iBhayibheli liyakubikezela, izigaba ezintathu zabantu.

36 Omunye wabo ngobandayo, onesitashi, ogcina umthetho ngamehlo nje, onganaki, bayaziqhubekela nje, akwehlukene nokuthi uhlala edlangaleni. Bayasonta, bakhulume kancane nga *lokhu, lokho*, nangeNkosi, kanjalonjalo, babuye, kodwa akukho-lwazi lokuzalwa kabusha kwangempela. O, abanye babo bayakusho, kodwa ukuphila kwabo kuyafakaza ukuthi akunjalo. Manje, lokho kungale ngasohlangothini olulodwa, le kude.

37 Namanje, phansi lapha koluny'uhlangothi, izinhlanya, nelangempela, ibandla leqiniso, uJesu washo njalo, "Kuyosondela kakhulu, kuyodukisa nabakhethiweyo."

38 Manje, abantu abaningi, bathi nje bangabona ubuhlanya buxutshwe nokwangempela, "A," bathi, "akukho lutho kuLo," baqhubeke. Niyabo, leyo yinto efanayo abaFarisi abayenzile. USathane, kazenzi isiwula ngokuzama ukuphendukezela lokho. Uzama ukuphendukezela leliQiniso. Naloluhlanya lapha luzama ukulingisa leloQiniso. Niyabo? Ulele lapho-ke ulayini wenu oyingozi, khona lapho.

39 Manje, kusifanele ukuba sihlale singabasemoyeni, sifunde iZwi. Futhi noma yini evukayo, ngaphandle, ephambene neZwi, khona-ke kulahlele eceleni. Yingalesosizathu, izikhathi eziningi, ukuthi ngi . . .

40 Bathi ngiqinisa kakhulu kubashumayeli besifazane. IBhayibheli lithi ngabo abangakhulumi ebandleni. IBhayibheli liyabenqabela ukuba bakhulume ngezilimi, kumbe noma yini, ebandleni. Ngifanele ngihlale neZwi, bhekisisani ukuthi Likuphi, Libhekeni.

41 Ezweni namhlanje, lapho yonke lemfundiso egqamileyo, iqubuka khona, bhekisisani, kuzo zonke izinkoloze zokungadli inyama. Nabagcini-mthetho ngokwedlulele, ukuthi, "Ngifanele ngenze *kanje-nakanje*. Uma ngingakhulumi ngezilimi, uma ngingakwenzi *lokhu*, uma ngingamemezi, uma ngingasini, kukhona okungalungile kimi." Lokho ukuqhuba ukugcina umthetho-ngowedlulele.

42 "Sisindiswa ngomusa, ngokukholwa." Akulutho lokho okwenzile; kuyilokho Akwenzayo. Wenza owawungeke ukwenze wena. Ukuba wawuzisindise wena, khona-ke Wayengeke adingeke ukuba afe. Kodwa Wafa, ukuze akusindise, lapho owawungeke uzisindise wena.

43 Lesosaga esidala esihlazisa uNkulunkulu, sithi, "UNkulunkulu usiza labo abangenakuzisiza . . ." Noma, "UNkulunkulu usiza labo abazisizayo," basho njalo. Lokho nje kungapha nangapha. Uma ungazisiza, uNkulunkulu ubheke ukuba ukwenze. UNkulunkulu usiza labo abengeke bazisiza. Futhi ungeke wazisiza, ukuba usindiswe, ngakho uNkulunkulu, ngomusa waKhe, wakusindisa.

44 Manje, qaphelani ukuthi kuhle kanjani. Umthetho, mkhulu ePhakadeni, ukuthi uNkulunkulu wasibona kanjani lesisihibe ngaphambili. Futhi uma Engongenasiphelo, futhi angebe—angebe ngenye into. Ake ngithathe lokhu nje, cishe imizuzu emihlanu, ukubethela lokhu phansi, kuqine, ngikushayele ngesipikili, ukuze kungathi shelele kuphume emiqondweni yenu futhi. Kwangathi uMoya oNgcwele manje-ke ungeza bese uyakushisela kuhlangane ndawonye ngothando, ukuze ningalokothi nikuyeke.

45 Manje bukani. UNkulunkulu, Ongeqambe amanga; uNkulunkulu, Ongenasiphelo. Futhi ngiyakusho lokhu futhi ngabantu abangabonakali bezibeka maphakathi nendawo ekuphiliseni kukaNkulunkulu. Uma uNkulunkulu akwethembisa, uNkulunkulu uzosinakekela isithembiso saKhe. Ngeke asiyeke.

46 Manje bukani. Ngaphambi kokuba aze Abeke iZwi elishicilelwe, na, *Lo* ngumqondo kaNkulunkulu. NaNku. Lona ngumqondo kaNkulunkulu, Awucabanga, ngaphambi kokuba isisekelo sezwe size sibekwe. Yiwo. Yingalesosizathu Akwazi

ukuWubeka eZwini elishicilelwe, futhi asho ukuthi kuyobanjani, ngoba WaLibona ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi wazi nje ukuthi Liyoba yini, wase eLikhuluma ngokugcwele.

47 Wase-ke Ehlisela ulwazi lwaKhe elunika abaprofethi, base beLibhala ngokugcwele. Futhi unyaka ngonyaka, nekhulu ngekhulu, siLibona lifezeka ngakho impela nje. UNkulunkulu, enikeza izithunzi zeLidala, ukubikezela ngesithunzi eLisha. Futhi siyaLibona, iZwi ngeZwi, ligcwaliseka. Besifanele sibe nokukholwa okunjani pho okwakhele kuNkulunkulu!

48 Manje Mbhekisiseni, "UKristu ehlatshiwe ngaphambi kokusekelwa kwezwe."

49 Lapho uNkulunkulu ebuka phansi futhi wabona into kuphela eyayizosindisa umuntu olahlekileyo, Wathi . . . Angazi noma lokhu yiwo yini amazwi, kodwa kwakuyinto efana nale. "Umuntu angezisindise, ngoba uzokona. Kodwa Ngibuka phansi lapho futhi Ngibona amashumi ezinkulungwane zabantu abanhliziyo ziqotho abayofuna ukuza. Ngibona izinkulungwane zabantu abayofuna ukusindiswa, futhi bangafuni ukuyongena kulembubhiso esabekayo eNgizodingeka ngiyenzele uDeveli nezingelosi zakhe, ngoba bazofanele bayongena ekujesisweni kwangunaphakade. Nabantu abanhliziyo-ziqotho bazokubona lokho. Futhi Ngizoba ne—ngizoba nendoda egama linguEsawu ezalwayo; kuzoba khona eyodwa, uJakobe. NoJakobe akazukuba muhle kangako, kwasekuqaleni nje, kodwa enhliziyweni yakhe uyothanda izinto zikaNkulunkulu, ngakho Ngiyokhetha uJakobe."

50 Wanibona futhi Wayazi ukuthi nanifuna ukusindiswa. Ngakho Wathi, "Into kuphela eNgingayenza kungukuba ngehle, Mina uqobo, futhi ngibe neNdodana ezalwayo, noma umzimba wenyama, futhi ngenziwe ngibe njengabo." Ikhambi lokulwa nobubi ngukuba uNkulunkulu uqobo lwaKhe abe yisono, ukuze Akhokhe inani. Ngoba, kuyothatha into ephakeme kunakho konke okukhona, ukuphakamisa umuntu esimweni sokulahleka.

51 Futhi, bukani, Ungaphezu kwazo zonke iziNgelosi, zonke iziNgelosi ezinkulu. Ophakeme kakhulu kunaye wonke owayekhona, wehlela lapha emhlabeni, wayesehlala phakathi komuntu. Futhi Waya emzini ophansi kunayo yonke emhlabeni, iJeriko. Futhi wayephansi kakhulu, kwaze kwathi indoda encane kuwo wonke yomuzi yaze yaMbuka phansi; uZakewu. Futhi, manje-ke, wafela izono zabantu. Ufika ngendlela yesitebele, empofu. Ocebe kunabo bonke . . . O, ngethemba ukuthi niyakuthola. Ocebe kunabo bonke uba ngompofu kunabo bonke.

52 Ngisho nangobusuku obunesiphepho, wathi, "Izinyoni inezidleke, nezimpungushe inemigodi, kodwa Anginayo ngisho nendawo yokucamelisa ikhanda laMi." Ophakeme kunawo onke

amazulu eZulu, uba ngophansi kunakho konke okuphansi. Ngisho nasempilweni yezilwane, kwakuyinhlanhla, kuYe, phezu kwaKhe, mayelana nokuthokomala kokuphila.

53 Akusikhona lokho kuphela, kodwa, ekufeni kwaKhe, Wezwa ubuhlungu bokufa obufana nobungakaze buzwiwe muntu; nhlobo, kumuntu, owake wezwa ubuhlungu ngenhliziyo eyaphukileyo kwaze kwathi iGazi laKhe namanzi kwehlukana ngaphambi kokufa kwaKhe.

54 Ompofu kunabo bonke; esuka ekucebeni kunabo bonke, waya ebumpofini kunabo bonke. Esuka ekubusisweni okukhulu kunakho konke, waya ekuzweni ubuhlungu obunzima kunabobonke. Bese kuthi-ke, ngaphandle kwalokho, wehla wayongena ezunjulweni eziphansi impela ukwedlula zonke zesihogo esiphansi kunakho konke, ethwele isono sethu. Futhi wathola lapho kuphela khona usinga, noma lapho kuphela khona intambo, kusukela efindweni. Lapho, wayiphakamisa ekuvukeni, wase eyixhuma nenye inxenye yePhakade, wayesenza umgwaqo oMkhulu wobungcwele, ukuba abangahlanzekile bakwazi ukuza futhi bahlanzwe.

Ngomthombo ogcwaliswe yiGazi,
Elimuncwe emthanjeni kaImanuweli,
Nxa izoni zibhukude ngaphansi kukazamcolo,
Kusuke lonke ibala lecala lazo.

55 Beza ngomgwaqo oMkhulu. Futhi ngoluny'usuku, Yena Owayekhona ekuqaleni kwesikhathi, uyoma njengomdala wesikhathi, futhi uyodonsa umchilo omkhulu weVangeli. Nawo wonke lowo okulowomgwaqo oMkhulu, kusukela ekuqaleni kwesikhathi, kuya komdala wesikhathi, kuya ekupheleni kwesikhathi, bayophakanyiswa; lapho Edonsa isikhathi singabe sisababikho, siyongena ePhakadeni. Niyakubona na? Nango, "Okuyiyona kuphela Inkosi enkulu; iNkosi yamakhosi, noMbusi wababusi."

56 Wakwenza kanjani na? Ukwazi ngaphambili. Wayazi. Wayesesho, ukuthi, "WayeyiWundlu elihlatshiwe." Manje-ke, uma Wayenjalo, eminyakeni eyizinkulungwane ezine kamuva kuyangena nje, isikhathi siyaphela. Wazalwa, benza kuYe lokho Athi babeyokwenza, Wayese-ke eyabethelwa futhi wahlatshwa. Kodwa, ngokuyikho, "Wahlatshwa ngaphambi kokuba kuqale izwe," ngokuba uNkulunkulu waMbona ngaphambili futhi washo ukuthi kuyokwenzekani. Futhi uma uNkulunkulu ekhuluma, kuzofanele kube njalo. Niyakuthola na? O, he! UNkulunkulu wambona ngaphambili uKristu, futhi kuzofanele kube njalo. Yingakho kwase kuvele sekuphelile. Lapho uNkulunkulu esho iZwi, lokho kwakuqeda. Eqinisweni wayefaniswa ngaphambili, wahlatshwa, lapho uNkulunkulu ekhuluma iZwi ngaphambi kwezwe.

57 Qaphelani! Akusikho kuphela ukuthi uKristu wahlatshwa, ukuba asuse isono, kodwa igama lakho lalotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. UNkulunkulu waloba igama lakho, limataniswe nelaKhe, ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

58 Manje, uSathane, ubenza besabe manje, ubenza bangabaze lokho na?

59 "Ngaphambi kokuba kuze kuqale izwe, uNkulunkulu wabiza igama lakho, nina maKristu, futhi waliloba eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokuba izwe lize liqale," kusho iBhayibheli. Lelo yiZwi likaNkulunkulu, Wakhuluma emuva le, wayesembula ngezinceku zaKhe, abaprofethi, futhi sijabulela isibusiso sokuphumula, futhi silinde phezu kokuFika kweNkosi. Silindile, ngokubekezela. Sekuphele konke ngakho. O!

60 Akumangalisi, ukugula, ukuba sengozini, ukufa, akukho okungasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu! Ngoba, ukusekelwa kwezwe. . . Wasibeka kulowo omuhle umgwaqo oMkhulu, wakhwela othingweni lwenkosazana oluvundlile, waya esiqongweni sokuqala kwesikhathi futhi, ebambe intambo ngesandla saKhe. Futhi ngoluny'usuku, uthi, "Yenyukani!" Thina esisekhona sisaphila kuze kube sekuFikeni kweNkosi, asiyikubandulela abafileyo emgwaqeni oMkhulu, ngoba icilongo likaNkulunkulu liyokhala nabafile kuKristu bayakuvuka. Futhi siyakuhlwithwa kanye nabo, ukuba sibahlangabeze, njengoba iketango liphakanyiswa libuyele emuva liyongena esiyingini sePhakade. Bese kuthi-ke lapho iminyaka iphenduphenduka, siyocula izindumiso zaKhe.

61 Wenzani na? Phezulu lapho, usakhela ikhaya. "Ekhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi; ukuba bekungenjalo, beNgiyonitshela. Futhi Ngehlele lapha, kodwa Ngizolilungisa, ngikulungise konke. Nanxa Ngihamba, Ngobuye ngize, Nginibuyisele kiMi." O, he! Futhi Ulungisa ikhaya.

62 Lapho lesisifoco esisazokufa, esilapha emhlabeni, sizo. . . siyohlukaniswa naso, siyophoselwa ngaphandle kweketango laPhakade. Liyoba ngaphandle kwegebe, okungekho-muntu ongawela, noma owake wawela, noma oyoke awele. Futhi lapho lesisixhumaniso phansi lapha, sesenyukele kuleyonxenye, egandaywe ngamatshe, umgwaqo oMkhulu ongcwele, uNkulunkulu athi, ekuqaleni, "lapho okwakungekho lutho lokungcolisa; akukho lutho lokubhubhisa." Nesono sabangela lesisihibe. Kuthi-ke uma lesisihibe sesiqhubeka, kwehle njalo kuze kuzofika lapha ukukhipha amanxusa, futhi uma selidonswa lihlanganiswa ndawonye, ukuhlangabezana nechopho ngalinye, iPhakade liyaphenduphenduka. Labo abahlengiwe bayohamba khona. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

O, ngifisa sengathi bengingacula. Ngithanda ukucula leloculo elidala:

Kunekhaya elihle kude phesheya kolwandle,
Kunezindlu ezinhle-hle zibusiselwe wena nami!
Imibhoshongo emanyazelayo, ilanga . . . iyokhanya yedlule ilanga,
Leyondlu enhle-hle yasezulwini ngoluny'usuku iyoba ngeyami.

Ngakho, ithende noma ikotishi, yingani ngikhathazeke na?
Bangakhela indlu yobukhosi laphaya!
Yamatshe ayigugu abomvu klebhu namadayimane, nesiliva negolide,
Amabhokisi aKhe agcwele, Unengcebo engakhulumekiyo.

O, umusa omangalisayo! Umsindo omnandi kangaka,
Owasindisa olusizi njengami!
Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe,
Ngangiyimpumputhe, kodwa manje sengiyabona. (Akukho engikwenzile.)

Kwakungumusa owafundisa inhliziyo yami ukwesaba,
Kwakungumusa owakhulula ukwesaba kwami;
Wabonakala uyigugu kangakanani lowomusa oyigugu
Ngehora engaqala ukukholwa ngalo!

63 Ukwazi ukuthi kwakungekho engangingakwenza, noma ngiyokwenza, noma enganginomqondo, noma nginenhlanhla yokwenza. Kuyilokho Angenzela khona. Wehla futhi wangihlenga, wangibeka emgwaqweni oMkhulu; wayesema ngakwelinye ichopho, ukuba adonse amachopho omabili awahlanganise, ukwenza iPhakade elingenaketango liphenduphenduke njalo. Nginelungelo lokuhamba ngingene kuleloPhakade ngoba Wafa futhi, endaweni yami, wasusa isono sami. Kuyamangalisa!

*. . . lokhu umthetho unesithunzi—sithunzi sezinto ezinhle ezizayo . . .*

64 Yini isithunzi na? Isithunzi isibikezelo sento. Niyazi, izikhathi ezininginingi abantu bacaphuna iHubo 23. "Yebo, noma ngihamba ezithunzini ezimnyama zesigodi sokufa." Yiphutha lelo. Kwathi babe . . . Lapho, "Yebo, noma ngihamba esiesithunzini," hhayi isithunzi esimnyama. Uma kwakumnyama, kwakungeke kwenze isithunzi. Kuzofanele kubekhona ipesente elithize lokukhanya, ukubikezela isithunzi.

65 Ngakho, umthetho wahlinzeka ukukhanya okwenele ukubona isithunzi sento yangempela ezayo. UKristu wayefanekiswe kulowomthetho, wesithunzi.

66 Wayefanekisiwe, wabonakala ngaphambili, kuJosefa, phansi komthetho. UJosefa, eyisithunzi sikaKristu, wayethandwa nguyise, ngoba wayengumuntu kamoya. Wabona imibono, wahumusha amaphupho. Engowomoya ngempela, futhi wadelelwa wumfowabo. Kuyikho impela, ngoKristu. Wabona umbono kayise, futhi wayengumuntu kamoya. Nomfowabo wamzonda, ngaphandle kwesizathu. Futhi kwathathwa ngokuthi wayebulewe, ingubo enegazi yabekwa yabuyiselwa phambi kubaba.

67 O, kuhle kanjani pho! O, sengiqalile kulokho, angisoze ngafika kulesisifundo. Ingubo, yathathwa yabuyiselwa kubaba, inegazi, ifanekisa indodana yakhe ifile; uIsaka. Futhi namhlanje, ingubo yeNkosi uJesu, ukuphila kwaKhe okungcwelisiwe neGazi laKhe elachithekela izoni, imi phambi kukaNkulunkulu njengesikhumbuzo ukuthi inani likhokhiwe. Niyakubona na?

68 Futhi wathengiswa cishe ngezinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu, njengoba uKristu wayenjalo. Wakhushulwa emseleni, umgodi, lapho ayephoswe khona. NoKristu wayenjalo, naye, wakhishwa ethuneni. Futhi wahlaliswa ngakwesokudla sikaFaro. Akekho umuntu owayengaya kuFaro, ngaphandle kukaJosefa. Kwenziwa isimemezelo, sokuthi, uma uJosefa efika, ukuthi babeya phambili, amadoda phambi kwakhe, abamemezi, bethi, "Nonke guqani ngamadolo! UJosefa uyeza."

69 Manje, iBhayibheli lasho, ukuthi, "Onke amadolo ayoguqa, nezilimi zonke zivume, eGameni leNkosi uJesu."

70 Wayengabopha inceku kaFaro ngesifiso sakhe uqobo. Wayenawo onke amandla negunya laseGibhithe kunikelwe ezandleni zakhe. Futhi lapho inqola igingqika yehla ngomgwaqo; wonke umuntu, uma kufika ukumemeza, wonke umGibhithe, akunandaba ukuthi babemzonda kabi kangakanani, babeguqa ngedolo labo kuJosefa.

71 Ngoluny'usuku, mngane oyisoni, akunandaba ukuthi ufuna kangakanani ukuLibiza "ngobuhlanya," akunandaba ukuthi ufuna kangakanani ukuthi uthi Liyiphutha, ukuthi ufuna kangakanani ukuyobayoba futhi uphile ezweni, futhi udelele iBandla nezinto zikaNkulunkulu, ngoluny'usuku uyoguqa ngedolo lakho noma ngabe uyafuna noma qha.

72 Kodwa kungaba-mnandi kakhulu kangakanani kulabo abathanda uJosefa. Ukuthi babemthanda kangakanani, bathi, "O, nansi inkosana enkulu iza, uJosefa." Futhi babeguqa ngedolo labo, bese bethi, "O, Josefa, wasindisa izimpilo zethu. Sasiyobulawa yindlala, ukuba ku . . . "

73 Kodwa, abanye, abangathokozile, "A, umbhedo!" Abangabongiyo. Sinalo lolohlobo lwabantu ezweni namhlanje. Aniqondi ukuthi isinkwa enisidlayo, nawo impela umoya eniwuphefumulayo, uvela kuNkulunkulu. Futhi bamkhonza.

74 Lapha esikhathini esedlule, ngenkathi uMnu. Baxter eseyimenenja yami. Ngenkathi iNkosi yaseNgilandi . . . ngenkathi silapho sivakashile. Ngenkathi kuphuma indlovukuzi, inenekazi elithandekayo, ligqoke ingubo yalo enhle, izinwele zayo eseziba-mpunga. NeNkosi ihlezi, igula kakhulu ngalesosikhathi, kwakul'khuni ukuba ikumele. Yayihlushwa yisisu nokuqina okuningi kwemithambo. Lokho kwakungaphambi nje kokuba ikhulekelwe. Kodwa kwakul'khuni ukuba isukume. Kodwa, nokho, igazi lasebukhosini layo, yaqhunsula isifuba esincane eyayinaso, ngaphandle, futhi yagibela yehla ngomgwaqo isenqoleni.

75 UMnu. Baxter emi lapho. Futhi lapho yedlula, ngambuka. Izindebe zakhe zazivevezela, izinyembezi zazehla esihlathini sakhe. Wayesengigaxa ngezingalo zakhe ezinkulu, wathi, "Mfowethu Branham!"

Ngathi, "Yebo, Mfowethu Baxter?"

Wathi, "Uyazi, ngi—ngingowaseCanada."

"Yebo."

76 Wathi, "Indoda engale ezweni lakithi, inkosi, yona nomlobokazi wayo othandekayo nomkayo, iyedlula. Yilapho engingakwazi khona ukuzibamba amadlingozi ami. Ngifanele ngiwaveze obala."

77 Ngamgaxa, ngathi, "Mfowethu Baxter, njengomKristu, nawe, kuyoba njani ngoluny'usuku lwenkazimulo, lapho iNkosi iza noMlobokazi waYo!"

78 Uma umuntu engacabanga lokho lapho ebona inkosi yasemhlabeni, esazokufa njengoba sinjalo nathi, kuyoba njani lapho sesibona iNkosi yamakhosi iza eNkazimulweni na? Kuyoba yisikhathi esiyinkazimulo kanjani pho!

79 Waboniswa ngaphambili kuJosefa. Waboniswa ngaphambili kuDavide. Umthetho wabonisa uKristu ngaphambili. UDavide . . . UKristu eyiNdodana kaDavide. Kwase kuthike lapho . . . UKristu ekuDavide, njengesithunzi, kwenza uDavide, ngenkathi ehliswa esihlalweni sobukhosi, wanqatshwa ngabazalwane bakhe uqobo; akusibo kuphela abazalwane bakhe uqobo kodwa igazi lakhe uqobo, uAbsalomu, nabantwana bakhe uqobo. Nakhu. Bedelela uyise uqobo, futhi babefuna igazi lakhe, futhi bamehlisa esihlalweni sobukhosi. Futhi wenyukela egqumeni, intaba yemiNqumo, ebheka emuva, elikhalela izinyembezi iJerusalema.

80 Ukuthi Wakwenza kanjani, uNkulunkulu, ebonisa ngaphambili uKristu kuDavide. Ngokuba ngenkathi Ehliswa

esihlalweni sobukhosi, wajikiswa, nezithunywa zaKhe uqobo ezingamanxusa, abantu baKhe uqobo, amaJuda, amemeza efuna iGazi laKhe. "Msuseni uMuntu onje!" Wahlala phezulu entabeni yemiNqumo wase ebuka phezu kweJerusalema wakhala izinyembezi, ethi, "Jerusalema, O Jerusalema, beNgithanda kangakanani ukunibutha njengesikhukhukazi senza emazinyaneni aso, kepha anivumi."

81 UKristu waboniswa ngaphambili futhi kuMelkisedeki, ebupristini, esahlukweni 9. . . esahlukweni 7 samaHeberu. Ukuthi uMelkisedeki waba kanjani. . . UAbrahama naye wabonisa ngaphambili, bonke emuva lapho, yonke into enhle, isithunzi nje. Nokuthi uMelkisedeki kwaba kanjani, esahlukweni 7, sifunda ngaYe lapha. SizoLifunda nje okomzuzwana.

> *Ngokuba uMelkisedeki lo, inkosi yaseSalema, umpristi kaNkulunkulu ophezu konke, owahlangabeza uAbrahama mhla ebuya ekubulaleni amakhosi, futhi wambusisa;*

82 Amen! UAbrahama! ULoti, umzala wakhe, wayesehlubukile. Niyawubona owangempela, uMoya kaKristu weqiniso na? Ngiyethemba niyakuthola. Akunandaba ukuthi wayesehlubuke waqhela kangakanani; ngenkathi esenkathazweni, nakhu kufika uAbrahama kuye, nempi. Abezizwe beqamekele ezigodini zaseSodoma, babehlile base bethatha iSodoma nenkosi yalo. Futhi bathatha, phakathi lapho, babethathe noLoti.

83 Futhi uAbrahama, umntan omfowabo, isihlobo segazi, abantwana bomfowabo. Wayesebheka phansi wayesebona ukuthi isitha sasemuke nesihlobo sakhe segazi. Wabumba impi yezinceku zakhe uqobo, wamlandela.

84 Lokho kwakufanekisa uKristu. Lapho Ebona iBandla likaNkulunkulu ophilayo elalikade libiziwe, lisekudukeni kukaDeveli, Wabumba olegiyona beziNgelosi wayeseza emhlabeni, ukuxosha uDeveli, wamfica. Haleluya! Wahlakaza isitha! O, siMthanda kangakanani ngalokho! Wafica isitha. Wayesesibulala isitha, futhi wasiphanga konke esasinakho; wasikhiphela eceleni.

85 Futhi kwakuyini into yokuqala abayenzayo, uAbrahama esebuya noLoti, umkakhe, abantwana bakhe, nayo yonke imfuyo, ngokunqoba ehamba ebuyela emabaleni asekhaya elidala futhi na? Wahlangana noMelkisedeki.

86 UMelkisedeki wayeyinkosi yaseSalema. ISalema yiJerusalema. Ngenkathi amaJuda eyongena eJerusalema, alibiza nge "J-. . .-u-salema," iJerusalema, *Salem*, okusho, "umuzi wokuthula." Wayeyinkosi yo . . . Lalelani. Asikufunde.

*UAbrahama wamabela okweshumi kukho konke; yena ogama lakhe lithi kuqala ukuhunyushwa kwalo iNkosi yokulunga, . . .*

87 Kwakungubani leNkosi eyamhlangabeza na? Ebuya ngokwahlula, ngokunqoba, njengoba iBandla linjalo namhlanje, livela eKalvari.

*. . . bese kuba . . . yiNkosi yaseSalema, okungukuthi, iNkosi yokuthula;*

*Engenayise, engenanina, engenaluzalo, engenakuqala kwezinsuku, nakuphela kokuphila; . . .*

88 Kwakungubani leNkosi yaseSalema na? "INkosi yaseJerusalema enkulu," hhayi eyasemhlabeni, eyaseZulwini. IJerusalema lasemhlabeni liyisifanekiso selaseZulwini. "Futhi nakhu kuza iNkosi yaseSalema, okungukuthi kuqala iNkosi yokulunga, iNkosi yokuthula; Yayingenayise, ingenanina; Yayingenakho ukuqala kokuphila, nakuphela kwezinsuku." O, he! "Ingenaluzalo." Akekho omunye ngaphandle kukaKristu qobo lwaKhe! Yilowo-ke iBandla elihlangabezana naye lapho benyukela emoyeni.

89 Futhi lapho uAbrahama ehlangabezana naYe, uMabela okweshumi kwakho konke ayekudlile.

90 Niyazi ukuthi benzani na? Into yokuqala abayenzayo kwaba ngukuhlala phansi. Ngizizwa ngithatheka ngempela. Bahlala phansi base behlephula isinkwa, base bephuza iwayini, base bethatha isidlo, emva kokuba impi yase iphelile.

91 NeBhayibheli liyasitshela, uJesu Kristu wakwenza, ukuthi siyo . . . "Sayikudla isithelo somvini, ngize Ngisidle kabusha nani eMbusweni kaBaba waMi."

92 Lokho, lapho impi yokugcina isilwiwe, nokunqoba sekuzuziwe, nabaphiyazayo sebebuyiselwe eMbusweni kaNkulunkulu, siyohlala phansi eMbusweni kaNkulunkulu, kanye noMelkisedeki wethu, Ongenakuqala kwezinsuku, nakuphela kweminyaka. O, he! Ungongenaketango, OPhakade, sidla isidlo futhi kanye naYe.

93 O, isithombe esihle kanje pho leliTestamente eLidala elimangalisayo elisinika amakholwa eTestamente eLisha. "Umthetho unesithunzi sezinto ezizayo, futhi kungesizo . . ." Lalelani. "Umthetho unesithunzi sezinto ezinhle ezizayo, futhi ungesiwo umfanekiso uqobo walezozinto." Kwakuyisithunzi somfanekiso.

94 UDavide wabusa phezu kwezwe, onyakeni wegolide kaIsrayeli. Wayeyini na? Isithunzi. UDavide ehlezi esihlalweni sobukhosi, lonke izwe lisezinyaweni zakhe, kwakuyisithunzi sani na? Kwakwenza isithunzi senye Into, kumboza iNdodana kaDavide, eyiNdodana kaNkulunkulu, EnguMelkisedeki, "okuqala kwakhe kwezinsuku nokuphela kweminyaka,

Angenakho." Isithunzi sakhe, ngesikhathi sesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, Iyohlala esiHlalweni sobukhosi sikaDavide futhi ibuse izizwe zonke.

"Isithunzi sezinto ezinhle."

95 Kuyini namhlanje na? Siyabuka bese sibona isithunzi, abesilisa nabesifazane abazisho ukuthi bangamaKristu, bese bephilisa okwezwe. Bathi, "O, ngiyasonta. Kwenza mehluko muni na?" Yisithunzi somkhohlisi, kusukela ensimini yase-Edene, owayezenzisa sengathi muhle, owayezenzisa sengathi unokuKhanya, owayezenzisa sengathi unokuhlakanipha, kodwa wayengumkhohlisi. Futhi yileyondlela abesilisa nabesifazane enza ngayo namhlanje, obiza iGama likaJesu Kristu futhi angasuki esonweni, kubonisa ngaphambili isijeziso abayosemukela naye ongumkhohlisi. UJesu wathi kulabobaFarisi bezenkolo, "Nina ningabakayihlo uDeveli." Ngiyethemba niyakuthola. Ngethemba ukuthi lokhu kuyacwila kujule ngempela. Isithunzi senkohliso.

96 Manje-ke wenzani lowo wangempela, owasebukhosini, umKristu oyikhulu lamapesente ozelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, ogama lakhe lalotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe na? O. . . Akuze, akuhambe, noma kungaba yini, babambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo. Kuyini okusenhliziyweni yabo okulambela into ethile ngaleya na? "Ngokuba labo," kwasho iBhayibheli, "abenzenjalo, ngokusobala bafakaza ngobufakazi babo, nokuphila kwabo, ukuthi bafuna uMuzi ozayo, oMakhi wawo noMenzi wawo nguNkulunkulu."

97 Kuyini lokho kulamba okusenhliziyweni yakho, kulokhu ukusa, ukuba ufune ukuma eBukhoneni baKhe na? Kuyini lokho kulamba enhliziyweni yakho, kulokhu ukusa, okufinyelelayo ngakho konke okukuwe na? Wonke umphefumulo wakho nokuphila kwakho kukhalela into ethize, uze uthi, "Angikhathali ukuthi yini efikayo nehambayo."

98 O Nkulunkulu! Into ethize ekuwe, ubuka ezweni, nezinyembezi zehle enhliziyweni yaKho. "O, mfowethu olahlekileyo!" Sibona abesifazane kweyabo elahlekelwe yisithunzi, indlela eyonakalisayo. Nokubona abesilisa bephuza, futhi bebhema, futhi bethuka, futhi begembula; futhi beya esontweni. Yini le esenhliziyweni yakho ememezayo, "Mfowethu olahlekile, ophiyazayo"?

99 Uthinte Into ethize phezulu *Lapha*. Uxhunywe nelinye ichopho lolayini. Uthinte i—iketango, umgwaqo oMkhulu, owawuketange iPhakade ekuqaleni. Ngenkathi igama lakho libekwa lapho, futhi wabona ngaleyongxenye enkulu, noma umdweshu wokwazi kukaNkulunkulu wabuka phansi wayesebona ukuthi wena uyoza eKhaya. Futhi, nokho, uphuphuthekiswe yizinto zezwe ezansi lapha, unomqondo.

Nxa uMoya oNgcwele ulehlisela phansi leliketango legazi, bese ubamba inhliziyo yakho, Ukhuluma ngeZwe elingcono, neNdawo engcono, noMuzi ongcono. Ngakho-ke, ungasho ukuthi:

> Lelizwe alisilo ikhaya lami,
> Ngiyedlula nje;
> Igugu lami lonke libekwe phezulu,
> Le ngapheshe ya kwesibhakabhaka.

100 Kukhuluma uNkulunkulu. Akuze, kuhambe, noma kungaba yini; inhliziyo yakho isalokhu imaphakathi nendawo. Yisithunzi, isithunzi siphambi kwakho. Yilokho okwenza isithunzi. "Umthetho unesithunzi" sombhabhathizo kaMoya oNgcwele. "Umthetho unesithunzi." Yingalesosizathu Asho, eBhayibhelini, ufanele uthathe futhi uqhathanise imiBhalo nemiBhalo, futhi ukwenze kufezeke. Futhi uma ufika, kunokuthi qopho kuwo, khumbula, uphumile emgqeni. Hlala ngaleyondlela, lowo—lowomugqa womBhalo.

101 Manje, "Umthetho unesithunzi, ungeze waba-namandla okwenza okhonzayo aphelele, ungeze waba-namandla okwenza ozayo aphelele. Ngokuba . . ." Lalelani, ivesi 2. Sizolizama, imizuzu emihlanu elandelayo.Bukani

> *Uma kwakungenjalo nga inganqamukanga ukunikelwa na? . . .*

102 Uma igazi lezinkunzi nezimbuzi nezimvu nezithole, futhi uma umpristi omkhulu wayenguhlelo oluyilo, khona-ke izwe laliyoqhubekela phambili. Ukufa kwakuyonqamuka phansi kwalokho. Niyakuthola na? Ake kucwile umzuzu nje. Uma uKayafase, umpristi omkhulu, umnikelo wokuphila kwesilwane, wawuyomphelelisa umuntu futhi umuphe ukuPhila okuPhakade, khona-ke sasingekho isizathu sanoma yini enye ukuba yenzeke. Lokho kwakuyoqhubeka njalo nje. UkuPhila okuPhakade kwakuyongena, futhi kukhule kuqhubeke njalo nje. Kodwa kwakufanele kube nesithunzi seWundlu likaNkulunkulu langempela elaliza ukuba lisuse isono sezwe, okwakukhulunywe nguNkulunkulu ngaphambili.

103 Futhi abesilisa nabesifazane namhlanje, lowo owaziwa nguNkulunkulu ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe, amagama abo alotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Uma bememeza, kulungile. Uma bengamemezi, kulungile. Uma benza *lokhu*, kulungile. Uma bengakwenzi, kulungile. Ngokuba uNkulunkulu usevele usho njalo. Kufanele kufezeke. "Akuyi ngothandayo, noma ogijimayo, kuya ngokuhawukela kukaNkulunkulu." Ukukhetha kukaNkulunkulu, hhayi okwethu.

104 Manje qaphelani. "Khona-ke leyominikelo yayingeke inqamuke ukuba ibekhona na? Ngokuba yayingeke inqamuke ukunikelwa na? ngoba . . ." Ngani na? Lapha

sesifinyelela ekuvaleni manje; isikole sesiphumile. "Ngenxa yokuthi umkhonzi . . ." Ngani na? "Ngoba . . ." O, ngizizwa nginjengomfanyana enethoyizi likaKhisimuzi manje. Ngijabule nje kakhulu ngaLokhu. Ngingathanda kanjani ukuLinika iBandla, kinina makholwa, ukwenza nibone ukuthi yini iQiniso! Uma babekade bekahle, kwakungeke kuze kunqamuke; kwakuyoqhubekela phambili, ukuPhila okuPhakade. "Ngoba okhonzayo . . ." Manje Lifundeni kanye nami, "Okhonzayo kanye . . ." Hhayi zonke izimvuselelo, kuze kube ngeSonto njalo ekuseni.

> . . .*kodwa okhonzayo sebehlanjululwe kanye babengasayikuba-novalo ngesono.*

105 Ini? "Okhonzayo esehlanjululwe kanye." Ukuhlambulula kweGazi leWundlu, lishanelisisa kanye, lihlambulula okhonzayo, lona impela uvalo ngesono seluhambile. Kucabange.

106 Igama *uvalo*, ekuhunyushweni okuyikho ebesingakusebenzisa lapha. Leli yihumusho iKing James. ENgilandi, lichaza uvalo. Phakathi lapha, belingachaza "isifiso." "Okhonzayo kanye wahlanjululwa," ngokuhlambulula kukaKristu eKalvari, "akasenaso isifiso sesono. Izinto ezindala seyedlule; zonke izinto sezizintsha."

107 Manje, ungacula njengenqomfi, futhi ube usalokhu unenzondo, inhliziyo embi nombango emzimbeni wakho, emphefumulweni wakho. Ungamemeza sengathi angazi ukuthi yini, usalokhu unayo. Ungasina eMoyeni, ubungakhuluma ngezilimi, ungaprofetha, ungashumayela, noma yiziphi zalezozinto, futhi ube usalokhu unenhliziyo embi, umona, umbango enhliziyweni yakho.

108 Kodwa uma elangempela, iZwi laPhakade likaNkulunkulu elamiswa ngaphambili, negama lakho lalotshwa lapho, neGazi lihlambulula njalo lowomuntu; yona impela imicabango yakho, umlahla ngecala emizileni lapho ami khona.

109 Wathi, "Akungilahli ngecala. Ngiyazihamba lezizindawo; angizilahli ngecala." Akwenzi ngani na? Wena, njengokhonzayo ophikayo ongakaze ahlanjululwe yiGazi likaJesu Kristu.

110 Abagcinimthetho ngokwedlulele bathola lomqondo, "Haleluya, ngizogqoka izingubo zami *zehle* kanje, nezingubo zami *zehle* kanje. Ngizoyekela izinwele zami zikhule zibe zinde, futhi ngizoba kahle." Amanga lawo. Bese-ke bekhomba emuva kowesifazane onezinwele ezimfishane, nonezingubo ezimfishane, bathi, "Uzoya esihogweni." Ngeke ngakusho lokho. Kodwa ngicabanga ukuthi lezozinto zilungile. Angibalahli. Kodwa uma uphumuza amathemba akho aPhakade nensindiso phezu kwaleyomfundiso, ulahlwe kanye nayo.

111 Owesilisa noma owesifazane, akunandaba noma ngabe uyi *lokhu, lokho* noma *okunye*, wena woza emthonjeni ogcwaliswe yiGazi elimuncwe emthanjeni kaImanuweli, futhi uvumele

ukuhlambulula kweGazi leNkosi uJesu Kristu lihlambulule izono zakho.

112 Mfowethu, ngeke kube nandaba, ungalokhu unazo izingubo zakho ezinde kangako, ungalokhu ungaligqoki iyembe elinemikhono emfishane, nina besilisa, nalezozinto, kumbe noma ngabe yini eniyifunayo; kodwa uma usalokhu ninenhliziyo embi, nomona nombango. Ungahle ukuba ugijimile, wasina, wakhuluma ngezilimi, wamemeza, washumayela iVangeli, kumbe noma yini, kodwa ulahlekile kuze ukuba leloGazi selikuhlanzile futhi lafaka uthando lobuNkulunkulu lweNkosi uJesu Kristu, enhliziyweni yakho, futhi ushiye amanyathelo okuPhila kukaKristu emva kwakho. Amen.

113 "Lapho kukhona izilimi, ziyakunqamuka. Lapho okukhona isiprofetho, siyokhawuka. Lapho okukhona ukwazi, kuyakunyamalala. Kepha nxa sekufikile okupheleleyo, lokho okuyinxenye kuyakhawuka."

114 Futhi siphumule namuhla, njengabagcinimthetho ngokwedlulele, phezu kwento ethize engumthetho esiyenzile. Ngani, ngenkathi ngiseyisoni, ngangiyingwe. Kakhulu uma ngizama ukuyeka *lokhu* ngiyeke na *lokho*, kuphela ngangenza imibala yami igqame kakhulu. Ngangingumzenzisi ngakho, futhi wawukanjalo nawe. Kodwa ngosuku mhla uza eKalvari, ekuhlanjululweni, lapho khona iWundlu langempela . . .

115 Phansi kweTestamente eLidala, babeletha iwundlu. Babephuma bayophinga. Babehlanya, futhi baqophisane, futhi balwe, futhi bathuke. Futhi, lapho bekwenza, babeletha iwundlu, balilethe kumpristi, bathi, "O, mpristi kaNkulunkulu!"

"Yebo?"

116 "Ngithuke umakhelwane wami. Ngi—ngiphingile. Ngikhulume amanga. Ngebile." Abeke izandla zakhe phezu kwaleliwundlu elifayo, elingenasici. Umpristi alihlole; lalifanele ligcinwe, uma lalikahle. Abeke izandla zakhe phezu kwalo, futhi balinqume umqala. Negazi lenyuke ngezandla zakhe, newundlu elincane likhala, likhahlela, futhi lifa.

117 Nokhonzayo emi lapho, wathi, "Yebo, lowo bekufanele kube yimi, kodwa iwundlu lithatha indawo yami." Kodwa wayebuyela emuva aphume enesifiso esifanayo. Wayebuye akwenze futhi masinya nje uma ethola ithuba.

118 Futhi yileyondlela abantu abenza ngayo namhlanje. Bayangena bese bevuma, bese bethi, "Ngina *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*," bese bephuma babuyele emuva; bese bejika, benze into efanayo futhi. Bajoyine isonto, elinye; uma leli lithola into encane esiqalile, awu, uya ku *leli* na*leliya*.

119 Kodwa laliyisithunzi sani na? Kwakungaphelele. Lokho kwakungeke neze kusisuse isono, kodwa kwakuyisithunzi seselapho sangempela esiphindwe kabili siza.

120 Futhi lapho uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu ifika, futhi yafa eKalvari, nokhonzayo kanye abeke izandla zakhe phezu kwekhanda leNkosi uJesu, futhi azi ukuthi ukumemeza kakhulu nokukhala esiphambanweni, lokho kufa, lokho kuhlupheka okubambelayo, wayefanele ukuzikhokhela yena uqobo, kulezozinjulo zasesihogweni lapho ayefanele aye khona. Wayazi ukuthi uKristu wakhokha indawo yokuvuma isono sakhe.

121 Kwase kwenzekani-ke na? Yini eyenza umehluko na? Kwaphumani ewundlwini, egazini na? Kwahamba ukuphila. Nengqamuzana lokuphila legazi lalisesandleni sakhe. Ukuphila kwakuzungeza ialtare, kodwa ukuphila kwewundlu kwakungenakubuyela kokhonzayo; nakuba wayevumile ukuthi wayesephutheni, newundlu lathatha indawo yakhe. Ngoba, okhonzayo unomphefumulo, futhi wayengenakuphila njengesilwane. Kunjalo.

122 Kodwa, O Nkulunkulu, cuphisa izando zombili zihlehle esibhanyini esiyingebe, bese udedela imibhobho yomibili iye kulelibandla, ngumkhuleko wami. Kodwa uma okhonzayo . . .

123 "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, uMoya oNgcwele. Akayi ekulahlweni, kepha usedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

124 Uma okhonzayo ebeka izandla zakhe phezu kwekhanda leWundlu laseKalvari elifayo, futhi avume izono zakhe, noNkulunkulu ekuvuma lokho ukuthi kuyiqiniso enhliziyweni yakhe. Uvuma izono zakhe. Lokho kuPhila okuzungezayo, okubizwa ngoMoya oNgcwele kaJesu Kristu, kubuyela emuva kungene kokhonzayo. Futhi uyahlanjululwa, futhi akasenaso isifiso sesono. Ngokuba uholwa wuMoya kaNkulunkulu, futhi hhayi ukuphila kwakhe uqobo, kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke. Uyowenza amaphutha, impela, kodwa lokho kuPhila kuyombamba.

125 Bhekisisani. Asehlele kwelesine-. . .ivesi 14. Asinaso isikhathi sokuliqeda. Asithathe ivesi 12.

> *Kepha yena lomuntu*, (hhayi iwundlu) . . . uKristu!
>
> *Kepha yena lomuntu* . . .

126 Ukhuluma manje ngokokuma kompristi omkhulu. Ukuthi umpristi wayengena kanjani ethempelini, kanjalonjalo; akhonze. Ukuthi okhonzayo wayebuyela kanjani emuva enesifiso esifanayo. Umuntu uza ealtare bese ethi, "Yebo, angifuni ukuya esihogweni." Umshumayeli eshumayela ngokuthi isihogo sishisa kanjani, nealtare ligcwele abantu. "O Nkulunkulu, angifuni ukuya esihogweni." Kodwa abavumi

neze ukunikela ngalowomina, bathi, "Yebo, Nkosi. Akungabi yintando yami, kusukela kulokhu kuqhubeke, kodwa eyaKho."

127 Ngempela ukuqonde okwenzayo. Uthi, "Nkulunkulu, ngihawukele." IGazi likaJesu lisezandleni zakho-ke. Ungaqali ukuphuma bese uqala ukuphila impilo efanayo nowakwenzayo. LeloGazi liyokulahla ekupheleni, ekwaHlulelweni. Kungcono ube nalokho kuPhila okukuleloGazi, ukuba kubuyele egazini lokuphila kwakho, kubuyele enhliziyweni yakho futhi likwenze uphile eyehlukile iChris-. . . umuntu ohlukile. "Okhonzayo ehlanjululwe kanye." Bhekisisani lapha.

> *Kepha yena lomuntu, esenikele ngomhlatshelo wabamunye ngenxa ye sono* (isikhathi esingakanani?) *phakade,* (leloPhakade elingenaketango) . . . *wahlala phakade, ngakwesokunene sikaNkulunkulu;* (Ekupheleni komgwaqo.)

128 Uphi na? Ekupheleni komgwaqo. Niyakhumbula, ngeSonto kuthangi, iSonto engashumayela ngalo ngase ngenza ngomfanekiso umkhumbi omncane kaMose, owawehla udabula ekhwanini nakho konke na? Niyakhumbula ukuthi kwakuba njani ukuthi nina bantu abadala nanikhala futhi nimemeza, ngenkathi ngishumayela kubantwana na? Nginawo wonke lawomehlo amancane amnyama nal'hlaza's'bhakabhaka, behlezi phezulu lapha emgqeni ongaphambili, ngibatshela, "Uma ulahlekelwa ukuphila kwakho, uyokufumana. Uma ugcina ukuphila kwakho, uyolahlekelwa yikho." Niyakukhumbula lokho, bandla na?

129 Niyakhumbula, ngenkathi ngisekwenzeni ngokufanekisa, nginikeza umfanekiso ngokwenza ngalokho kusa ngenkathi uJokebedi noAmramu, uAroni noMiriyemu, kwehle njalo ngaphambi kokuba kuse, nezandla zabo ziphakamele emoyeni, bethi, "Nkulunkulu, Wasipha ingane, manje siyibuyisela kuWe. Usipha yona, ibingesiyona eyethu, ibingeyaKho. Usipha yona, namanje siyibuyisela kuWe." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] "Siyayigcina, abathakathikazi basesihogweni bazoyibulala." Labo besifazane abadala abanamakhala amade angamahhuku baphumela lapho bese bethatha ikhanda layo elincane bese belisakaza odongeni. Sizolahlekelwa yiyo uma siyigcina. Kodwa uma siyibuyisela kuLowo owasipha yona, sizoyigcina."

130 Leyo yinto efanayo exolweni lakho elincane, kulokhu ukusa, mfowethu, dadewethu. Unomkhumbi phakathi lapho, umkhumbi oyigugu owake wabakhona. Ubizwa ngokuthi umphefumulo wakho. Qhubeka, ugcine, phila ngendlela ofuna ukuphila ngayo, uyolahlekelwa yiwo ngempela njengoba ngimi lapha. Futhi uma uwubuyisela kuNkulunkulu, bese unikela ngentando yakho, uyowugcina. Uzowufumana. UJesu washo njalo. Khumbulani.

131 Futhi ngenkathi befuqa lokhu, igugu lenhliziyo yabo, ngenkathi bewufuqa bewukhiphela emanzini, izingwenya ezindala zikhuphuka. Sengiyambona uNkulunkulu, njengoba ngishilo, esukuma esiHlalweni saKhe sobukhosi.

132 Niyazi, ziningi izivivinyo eziqhubekayo phansi lapha. Kodwa ukhona Umuntu ozibukayo, ngaso sonke isikhathi. "Abakuthandanga ukuphila kwabo kwaze kwaba sekufeni."

133 Lapho uAmramu omdala bandla, enoyedwa kuphela, umntwana wakhe othandekayo. UJokebedi omncane wayesanda kumncelisa nje esifubeni sakhe, wayesedingeka-ke ukuba amfake emkhunjini futhi amfuqele phandle amfake ekhwanini, lapho khona izingwenya ama-aligeyitha zazikhuluphele khona ngezingane ezincane. Lapho, ngenkathi emi lapho, nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe, uNkulunkulu wathi, "Woza lapha, Gabriyeli, woza lapha umzuzu. Kukhona engifuna ukukukhombisa khona. Nginomuntu oNgikholwa ngempela." Amen.

134 Nkulunkulu, mangibe yilolohlobo lomuntu, olungathi, "UNkulunkulu washo njalo. Kuqinisile." Futhi ngife kakhulu kunoma yini enye, kuze kube yithusi elikhencezayo nesifanekiso esincencethayo.

135 Wathi, "Woza lapha, Gabriyeli. Nonke nina ziNgelosi phumani nize lapha. Kukhona eNgifuna ukunikhombisa khona. Niyayibona leyandoda phansi lapho nezandla zayo ziphakeme na? Ifuqele ingane yayo uqobo phandle. Ngamupha yona, manje uyayibuyisa. Ngizoqikelela ukuthi uyayigcina." Amen. Wathi, "Gabriyeli, biza iziNgelosi eziyizinkulungwane eziyishumi, ngezinhlelo zokumasha. Ngizifuna ziphume lapha."

136 UGabriyeli wabetha icilongo elincane, futhi lanqamula imihubhe yasePhakadeni. IziNgelosi eziyizinkulungwane eziyishumi ezihlomile zehla.

137 Wathi, "Shaya uhide wena uqobo wehle-wenyuka nomfula. Ubheke ukuthi akukho-ngwenya ialigeyitha, akukho lutho olunye, oluzothinta oyedwa wabo. Ibuyiselwe kiMi."

138 UGabriyeli wathi, "Nkosi, Nduna eNkulu, Wena uzoba kuphi na?"

139 "Ngizoba sekugcineni komugqa. Ngizokwemukela phansi lapho."

140 Leyo yinto efanayo Ayenzayo namhlanje. Uma umuntu ebeka ithemba lakhe eNkosini uJesu, evuma izono zakhe, uMoya oNgcwele uyambamba lowomuntu, noKristu ame ekugcineni la kwemukelwana khona ekugcineni. Wedlula emsingeni eminingi, nezingwenya ama-aligeyitha, nezipokwe ezesabisayo, nakho konke okunye esedlule kukho.

Ezingozini eziningi, ezinhluphekweni, nasezicuphweni,
Sengivele ngifikile;
Ngumusa ongilethe ngokuphepha kuze kube lapha,
Ngumusa oyongiyisa eKhaya.

141 Ubani osekugcineni la kwemukelwana khona na? Lalelani.

*. . .wahlala phakade, ngakwesokunene sikaNkulunkulu;*

*Usa* (phezulu ngaleya ekupheleni komgwaqo) *salindele izitha zakhe zize zenziwe isanabelo sezinyawo zakhe.*

142 Senilungele na? Nakhu. Nakhu ukuphenduka kokugcina kwebhawodi. Nansi indawana yokugcina enethoshi. Nakhu ukubethelwa kwesipikili kokugcina. Lona nguYe oshayela isipikili ePhakadeni kuya ePhakadeni. Futhi, phakathi lapho, iNkemba kaNkulunkulu yokukhulula ihambe yadabula inhliziyo, ekulengiseni izithunywa zaKhe ezingamanxusa, kuMoya oNgcwele. Nakhu, amaHeberu 10:14. Lalelani. Akusilo izwi lami; kodwa iZwi likaNkulunkulu, OwaLikhuluma ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Lifanele libe njalo.

*Ngokuba ngomnikelo munye u (p-h-e-l-e-l-i-s-e) uphelelise njalonjalo abangcwelisiweyo.*

143 Waphelelisa kuze kube nini na? Kuze kube yisikhathi esilandelayo ophuma ungena kumakhelwane wakho ngaso na? Kuze kube yisikhathi esilandelayo obona ngaso umuntu othize, othize wesilisa noma owesifazane okhanukayo na? Kuze kube yisikhathi esilandelayo obona ngaso ithuba lokukhuluma amanga amakhulu na? Kuze kube yisikhathi esilandelayo obona ngaso ukuthi ungamboza khona omuny'umuntu bese uyabalimaza, bese uyabaxosha ebandleni, ukuze ngesinye isikhathi ongagxeka ngaso omuny'umuntu na?

144 "Ungcwelise njalonjalo, waphelelisa njalonjalo." Lapho uMoya oNgcwele. . .Ungahle usho into ethize, ngesinye isikhathi, kuyiphutha. Kunjalo. Ungahle wenze okuthize, ngesinye isikhathi, okuyiphutha. Kunjalo. Kodwa uthi ungakwenza nje. Bhekisisani ivesi elilandelayo.

*Kepha noMoya oNgcwele. . .*

145 O, he, nje angikwazi ukube ngisaqhubeka nokushumayela. Bukani.

*. . .Moya oNgcwele. . .uyafakaza kithina:. . .(Wo!)*

*. . .Moya oNgcwele. . .uyafakaza kithina:. . .emva kokusho kwakhe ukuthi,*

*Yilesisivumelwano engizakusenza nabo kulezozinsuku, isho iNkosi, ngiyakufaka umthetho yami ezinhliziyweni yabo, ngiyilobe ezingqondweni zabo;*

*Nezono zabo nobubi babo angisoze ngakukhumbula futhi okumelene nabo.*

146 O Nkulunkulu! "Wonke umuntu onalelithemba uyazihlambulula njengoba ngisho noNkulunkulu umsulwa."

Asikhuleke.

147 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga, kulokhu ukusa, ngokuhlambulula kukaMoya oNgcwele, ngomusa kaNkulunkulu ophilayo. Sasiyizoni, singalungile, singamesabi uNkulunkulu, singathandeki; singenaNkulunkulu, singenathemba, singabafokazi ezweni, noKristu uyafika wase ethatha indawo yethu. Ngokwazi ngaphambili uNkulunkulu wasibona sikulesisimo, azi ukuthi sasilamba futhi soma. Akumangalisi uJesu athi, "Bayosuthiswa." Hhayi ukuba "babe yilunga." Hhayi ukuthi "bayojoyina." Kodwa, "Bayosuthiswa; belamba futhi bomela ukulunga." Ngamany'amazwi, "belamba futhi boma," sazi ukuthi singenze lutho ngokwethu, akunandaba ukuthi senzani.

148 UDeveli ubengasenza silingise sonke isiphiwo. Ubengasenza siphume bese sibeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bebeyosinda. Ubengasenza sikhulume ngezilimi. Ubengasenza sihumushe izilimi. Ubengasenza sibe nokuhlakanipha, ukwazi. Kodwa lokho akukuthathi, Nkosi.

149 Wena wathi, "Abaningi bayoza ngalolosuku, futhi bathi, 'Nkosi, Nkosi, angenzanga yini lezizinto ngeGama laKho na?'" Wathi, "Sukani kiMi, nina benzi bokubi. Angizange nginazi."

150 O Nkulunkulu, manje-ke vumela amathemba ethu angakhiwa kokungaphansi kweGazi likaJesu Kristu ngokulunga.

> Lapho macala onke umphefumulo wethu udeda,
>
> Khona-ke Uyikho konke okwethemba lethu nokuhlala.
>
> Ngokuba ngimi, kuKristu iDwala eliqinile,
>
> Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo.

151 "Ukumazi Yena kungukuPhila," hhayi ukwazi iziyalo. "Ukumazi Yena," uMuntu.

152 Ngikhulekela, Baba, sonke isoni endlini namhlanje, ukuthi Uzobasindisa njengamanje. Futhi kwangathi bona, ngaphandle kwanoma yimaphi amadlingozi, ngaphandle kwanoma yikuphi ukuphikisana okuvela kuDeveli; kodwa kwangathi bona, ngokuqinisile, ukukholwa okumsulwa, bakholwe yilokho abakuzwile kushunyayelwa, futhi bemukele uMoya oNgcwele OwaLilethayo. Siphe khona, Nkosi, ngokuba sikucela Gameni laKhe.

Namakhanda ethu ekhotheme.

153 Angazi noma ukhona yini lapha kulokhu ukusa. . .Manje ngifuna eyenu. . .ileveli, ubuqotho, okuyiqiniso; akunandaba ukuthi wenzeni, akunandaba ukuthi zingaki iziqalo ozenzile, noma usonte isikhathi eside kangakanani. Ngabe uqotho, kusukela ezinjulweni zenhliziyo yakho, ngalokhu, owaziyo ukuthi izinto zezwe yedlulile kuwe na? Ukwazi lokho, usuku nosuku, nonyaka nonyaka, kuyaqhubeka, ihange lakho liyabambelela na? Kukhona uMuntu othize ngaleya, ofanekiswe ngaphambili ekupheleni komgwaqo, lapho lelifindo elikhulu liyomonyulwa khona. Ukhona Umuntu othize lapho odonsa enhliziyweni yakho, azi ukuthi ngoluny'usuku uyophakanyiswa. Uma lokho kungakahambi enhliziyweni yakho namhlanje, mngane, sakhamuzi sakithi, sihambi. . .

154 Ohluphekayo, mhlambi omncane, uNkulunkulu abusise inhliziyo yakho. Nginibona nihlezi lapha, senimpunga ekhanda namahlombe aseqhothile. Ngibona ezihluphekayo, izingane ezincane, mhlawumbe eziphuthelwe ukudla. Futhi bengingama yini lapha futhi ngisho noma yini eyiphutha kini na? Lokho, awu, uNkulunkulu akavumi! Ngingaba. . .Bengifanele ngiguqe phansi futhi ngiphenduke ngaphambi kokuba ngize ngisho ngishumayele. Ngiyanithanda. Futhi lokho kungothando lomKristu lwangempela.

155 Thembekani manje ngoMoya oNgcwele. Ngabe zonke lezozinto sezedlule kini na? Noma, ngabe uSathane unikhohlisile, futhi nje niphila impilo enguhhafu na? Ngezinye izikhathi niyacabanga, "Awu, kulungile," futhi ngesikhathi esilandelayo, ngani, wena, "Awu, angazi"? Nezinto ziyenzeka ozaziyo. Futhi uma kuyisimo sakho, ke, kulokhu ukusa, ufuna ukukunikela konke kuKristu.

156 Khumbulani ukuthi Wathini. "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, uno, khona manje, kuPhila okuphakade." Ukwahlulelwa sekwedlule. Kusukela ngalesosikhathi kuqhubeke, into iyobe isifile. Uma nikwemukela ngempela, kuyozifakazela khona.

157 Manje bukani. Ningadukiswa. Niyakhumbula lapha, eminyakeni emide eyedlula ngenkathi sisenebandla lihamba ngokwenqubo na? Ngikhuluma nani, futhi niyakhuleka; amakhanda ekhotheme. Niyakhumbula sisenebandla lihamba ngokwenqubo na? Ngenkathi umlayezo unikezwa ngesiprofetho, noma ngezilimi nokuhumusha, ngenkathi sikubhala phansi futhi sikubeke phezulu lapha emsamo, kufakazelwe amadoda amathathu. Nganginikeza umlayezo emsamo. Uma kwakungafezeki, wawunomoya omubi phakathi kwakho. Wenyukela lapha bese ukulungisa.

158 Uma umuntu enze okwakuyiphutha, udade noma umfowethu bebabona benza okungafanele, babeya kubo.

Uma bengena ebandleni, bababambe ngengalo, baye ngemuva lapha ekamelweni elincane, bathi, "Mfowethu, ngikubone endaweni engafanele. Angizukukusho phambi kwebandla, ngoba ngiyakuthanda. Wawenza okungafanele. Asikhuleke manje." Niyabo?

159 Manje thembeka kuwe uqobo. Uma uthando lukaKristu lusenhliziyweni yakho, phezu kwakho konke okunye, uNkulunkulu akubusise; ukahle. Kodwa uma kungenjalo, ungadukiswa. Leyomimoya idukisa kakhulu impela. Iyakudukisa. Yilokho owodwa okwenze kuEva, wamtshela inqwaba eningi yeqiniso elisha. "O, yebo, uNkulunkulu ushilo. Ehhe." Kodwa kukhona ufa oluncane kukho. Yilokho oku . . . Yilokho okusephulile kulokhu ukusa; sibona ufa oluncane eketangweni. Yilokho okwenza yonke inkathazo.

160 Mfowethu, uma kungahambisani ngokuphelele nenhliziyo kaNkulunkulu, ungasiphakamisa isandla sakho manje kuNkulunkulu, bese uthi, "Nkulunkulu, ngalokhu, impela ngifuna ukuhamba ngokufanele na"? Akekho umuntu ozobheka ngaphandle kwami. Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Omunye futhi na? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nawe, nawe, nawe, wena. UNkulunkulu akubusise. Manje, Uyakwazi. Unazi nonke. Uyazi nje ukuthi siyini isifiso sakho.

161 Manje, indlela yethu eyifeshini endala (usakhothamise ikhanda lakho) ingeyokuba abantu beze ealtare. Lokho kuhle. Ngiyakuthanda lokho. Lolo akusilo udaba lweBhayibheli. Lokho nje kuyimfundiso yebandla.

162 "Abaningi abaMemukelayo, Wabapha amandla ukuba babe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu." Impela nisahlezi, futhi uphakamise isandla sakho, idazini noma ngaphezulu lenu lapha, ningemukela manje, ezinjulweni zenhliziyo yenu, emva kokuba senisho ukuthi niyezwa ukuthi nifanele na? Ningakwenza, iqembu elifanayo eniphakamise isandla senu, ningasiphakamisa isandla senu, nithi, "Manje ngizokwemukela lokhu, Mfowethu Branham. Manje ngizomemukela uJesu. Akunandaba ukuthi ngenzeni, manje ngiyaMemukela njengesiThandwa sami noMsindisi wami na"? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. "Manje ngizoMemukela. Into ethize enhliziyweni yami ingitshela ukuthi ngi—ngi—ngiyafuna. Ikhona Into ethize engitshela ukuthi ngifanele, khona manje. Lolu wusuku lwami. Mhlawumbe ngesikhathi esilandelayo, ngiyoba kude kakhulu." UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Ngiyasibona isandla sakho. "Manje ngiyezwa ukuthi ngifanele ngikwenze."

163 Bangane, ibandla liyaphola. IMelika izokwahlulelwa masinya nje. Sonke isizwe sikwamukele. Uzoba yini eminyakeni eyikhulu kusukela manje na? Uzoba ndawondawo. Mhlampe phakathi kwalomzuzu neminyaka eyikhulu kusukela manje, uyaphuma kulelizwe. Bekungangcono ube nokuqiniseka. Ungadlali ngakho. IZwi lishunyayelwa nguMoya oNgcwele, futhi LiyiQiniso elivela eZwini likaNkulunkulu. Ukhona uMuntu othize okuthandayo.

164 Manje, ungeke wasiphakamisa isandla sakho, ngaphandle uma kukhona uMuntu othize okubizele ukuba uphakamise isandla sakho. Lowo nguMoya oNgcwele. "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." Futhi uma Ekuthanda ngokwenele impela ukuba angqongqoze enhliziyweni yakho, futhi athi, "Yebo, Ngiqonde wena. Yiso lesi isikhathi. Ngifuna ukungena, ngaphambi kokuba Ngikuthathe kulomhlaba kungakabi yisikhathi. Manje Ngizokucela ukuba uphakamise isandla sakho." Ungekwenze-ke na?

165 Omunye futhi othi, "Mina manje, ngokusuka ezinjulweni zomphefumulo wami, ngiyakwemukela na"? Manje ngizonikhulekela. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Ngizwile nje, dadewethu othandekayo, ukuthi bekunguwe. Ngibheke emuva lapho . . . Kusobala, nonke niyaqonda ukuthi nginezinsuku ezimbalwa nje, amahora ambalwa, ngaphambi komhlangano ngaleya. Ngihlala ekamelweni lami kaninginingi manje, ngikhuleka. Inkonzo yokuPhilisa; iNgelosi yeNkosi iseduze. Izinto ezinkulu zizokwenzeka. Ngibheke emuva ngase ngibona Into ethize imi ekamelweni, Ibiphezu kwentombi. Ngibone abanye bephakamisa isandla sabo. Ngizwe ufakazi ukuthi lokho bekuqinisile. Ngacabanga, "Uma ngenza okunye ukubiza futhi, uma lowo wesifazane ezovele aphakamise isandla sakhe." Futhi wakwenza. Bekuyilokho-ke.

166 Manje, Nkulunkulu, Mthandi womphefumulo wethu, singobani thina, empeleni na? Ngani, ngaphambi kokuba izwe lize libunjwe, Wawazi bonke omiyane abayoba semhlabeni, yonke intuthwane, lonke itekenya. Wena ungongenasiphelo. Futhi Ubukwazi lokho, kulokhu ukusa, ukuthi abantu bebezophakamisa isandla sabo. Ubukwazi. Ngani, Ubabone ngaphambi kokuba kuqale izwe. Ukwazile, njalo. Futhi Ubuwazi ukuthi lento ibizokwenzeka, ukuze Uveze uthando lwaKho kubantu baKho. Wathi wavusa uFaro futhi wenza lukhuni inhliziyo yakhe, ukuze Ukhombise amandla aKho, Uzoluveza kakhulu kangakanani-ke uthando lwaKho! USathane, lowo omubi ophendukezela okulungile akuyise kokungalungile, Uyamdedela akwenze, ngoba Ungaluveza-ke uthando lwaKho kubantu baKho. Futhi, O Nkulunkulu, siKuthanda kakhulukangaka! SiyaKujabulela.

167 Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lababantu bazophila eyomKristu, impilo ethobile, kusukela kulolusuku

kuqhubeke, njengoba sebeKwemukele. Futhi uma kubakhona abanye, mhlawumbe angizange ngibabone bonke, mhlawumbe Awuzange ungikhombise bona, kodwa Ukhulume nabo. Uma bekhona abanye, babusise nabo. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Kukhona umthombo ogcwaliswe ngegazi,
Elimuncwe emithanjeni kaImanuweli,
Nezoni zibhukuda ngaphansi kwalelothantala,
Kusuka onke awazo ecala . . . (Kancane manje, dadewethu.)

168 Niyazi, izolo, uMfowethu Roberson ubesenhla kuMfowethu Woods'. Ngithe shelele ngehla. Bengilindele omuny'umfundisi ovakashile ukuba eze. Waphosa isithombe, nesithombe besi . . . Inqwaba yaso ebesibuka kuso, kodwa, okunye kwaso, ngenkathi ibandla lihamba liyophuma ngomnyango. Futhi ngazibona mina uqobo ngiphumela lapho, ngase ngibheka, "O, he! Mfana, kanjani, yenzeni iminyaka embalwa kuwe!" Ngase ngibheka futhi. Lokho kufika engqondweni yami, kulokhu ukusa.

169 Ezinye nje izinsuku ezimbalwa esinazo zalezizinhlupheko nezono. Futhi ngicabanga ngezikhathi ezimbalwa engezwa ngazo lelocul o liqala, ngibabona benza indlela yabo ekhuphukela lapha, bame bazungeze ialtare ukuba bathathe isidlo. Futhi ngiwezwile amasondo ebhokisi ikhaskhethe eklwiklwiza, ngenkathi ehlela ekamelweni lapho, bebakhipha.

170 Khumbulani, ukushunyayelwa kwaleliZwi kuzoba yi . . . Ngime ekwaHlulelweni. Futhi ngiyofanele ngime emva kwaLo, ngime lapho, ngiyofanele ngibe ufakazi walokho. Ngeke ngaLibuyisela emuva. SengiLishilo. Ngifanele ngihlale nalokho. Lizohlangana nami eKwahlulelweni, njengoba nje uNkulunkulu esho iZwi laKhe futhi ngeke aLibuyisela emuva. Niyabo?

171 Futhi ngikala lonke izwi, kuqala enhliziyweni yami, bese ngibona ukuthi ngiyafuna yini ukulisho, qobo lwami. Uma libonakala liyiphutha, angilisho. Ngiyekela Yena alisho. Uma—uma Esho into ethize, ephambene, nakuba ngingeyikholwe, ngiyayisho, noma kanjani, ngoba nguYe. Ngifuna ukuqiniseka, ngoba angifuni-phutha ngalolosuku.

172 Niyazi, kuzoba-mnyama ngokwesabekayo, ezansi emfuleni, ngalolosuku. Akuzukubakho-muntu lapho ukuba asize. Awuzukwehla namali uye lapho. Abangane bakho uzoba sesimweni esifanayo okuso; kuzoba-mnyama ngokwesabekayo. Ufanele uwele. Ngifuna ukuqiniseka ithikithi lami lilungile. Ngifuna ukuqiniseka, uma ngilibuka, ngibona iGazi elibomvu leNkosi eyinduna yami. Bese kuthi uma ngizwa, emva kwesikhashana, uMkhumbi omdala ukhala, kuzolunga-ke. Kodwa angifuni-nkathazo ezansi lapho ngaleyonkathi. Ngifuna ukukuxazulula manje. Uma kukhona inkathazo, ngifuna

ixazululwe manje. Ngizodinga wonke umusa nomncinyane engingawuthola, ngalolosuku.

173 Ngizoba qotho. Njengoba uthisha omkhulu washo, ngoluny'usuku, wayengafuni ukuba nodumo, wayefuna ukuba qotho. Ngizwakalisa uvo lwami kanye naye. Ngifuna ukuba qotho. Ngifuna ukukhuluma iQiniso, ngakho ngalolosuku, uma sekufika, ngizwa ukumemeza ngasogwini, ngifuna ukubheka phansi bese ngiqiniseka.

174 Njengabantwana bamaHeberu, ngenkathi bebone lawomaphiko amnyama eza enqamula, okufa, umfana omncane uthi kubaba, "Uqinisekile ukuthi igazi lisekhothameni na?"

Ubaba ubuka phandle, "Yebo, ndodana, igazi lilapho."

"Awu, kulungile-ke. Siphephile."

Alikho lapho, kulokhu ukusa, mngane na? Qiniseka.

175 Manje, Ora May, ngiyazi uzela ukuzokhulekelwa, sisi. Lentombazanyana ehluphekayo, ukuthi ihlala kanjani lapha emgqeni, njengentwanyana encane. Lapho, uShirley omncane ehlezi lapha, ekhala izinyembezi, usanda kungena nje evela eArizona. Ngicabanga ngalabobantwanyana. Nonke niyabakhumbula, phandle lapha kwencane—encane indlu endala eyakhiwe ngamabhokisi, ubaba wabo omdala ohluphekayo behlala ndawonye emva kwesonto lapha, kwenzelwe bona. Khumbulani, labobafo abancane ukuthi nga kanjani . . . ukuthi sonke sibazi kanjani. Ukuthi kanjani uOra May omncane ohluphekayo . . . Kuthatha ababili ukukhulisa umndeni. O Nkulunkulu, lento embi kabi yomshado nesahlukaniso. Nokuthi uCurtis wenze kanjani ngamandla akhe onke, ngabo. Usebenze kanzima. Kodwa, umntwana, akunandaba ukuthi ungubani, udinga uthando lukamama. Umuntu ozobathanda. Kuyimvelo, ukuthulisa umuzwa wakho.

176 Ngingumzingeli. Ngiyayifundisisa impilo yasendle. Nje lokhu ku . . . Futhi ngiyaphuma bese ngiyifundisisa. Ibhere elingumama omdala, uma lingena, ekwindla lonyaka, lizalela ukuba ngumama futhi. Lixosha onke amawundlu alo. Liba nalo kusukela kwelilodwa kuya kwamabili; liyawaxosha, liwenze alale ngokuzicashela wona ebusika, ukuze akwejwayele.

177 Ngonyaka olandelayo, uma liphuma, selinezinye izingane ezincane ezimbili, eyodwa noma ezimbili futhi. Lizinakekele njengonina ihlobo lonke. Bese kuthi, ekwindla, lizihlakaze futhi.

178 Linamanye futhi amabili ehlobo elilandelayo. Kodwa kwenzekani-ke uma lingenazingane ngalowonyaka na? Niyazi ukuthi lenzani na? Liyaphuma, lizama ukuthola lawomawundlu, asekhule aze angangalo. Uma lingawatholi, liyothatha izimpisi ezincane ezithi azibe mbili. Liyothatha amankentshane angamakoyote athi awabe mabili. Lingathatha eqinisweni, ingane yomuntu. Impela, kuke kwenziwa. Liyothatha leyongane

encane, noma yini, liyoba ngumama kuylo. Yimvelo nje. Akukho elingakwenza.

179 Bukani intombazanyana nonodoli wayo, ngani, ayikabi neminyaka emithathu ubudala. Ngike ngabona uSara wami omncane, ngobunye ubusuku. Ngangena ekamelweni. Into encane eshaywa wuvalo, futhi wayelapho, elele nonodoli wakhe omncane usengalweni yakhe. Ngama lapho ngase ngibheka phansi. Ngacabanga, "Into encane bandla! Niyazi, ngeke kuthathe isikhathi eside, iminyaka eminingi, ubaba uzoguga, emva kwesikhashana. Sengigugile manje; sengimpunga futhi ngiyedlula." Kodwa lokho kufanekisa ngaphambili, ngoluny'usuku, e—eyangempela, ingane encane ilele lapho." Kukuwe nje. Futhi uma ningabathandi labobafo abancane, kukhona into enye ezothatha indawo yakho.

180 Uma umuntu engamkhonzi uNkulunkulu, uyokhonza imoto yakhe, uyoya ebhareni, u—uyokwenza eny'into, uyokwehla-enyuka. Isizathu, kukhona into efanele ithathe leyondawo.

181 Manje, udadewethu, angiqondile ukumfaka emadlingozini. Kodwa, engenaso isandla sikamama, ngokuyikho, enye into yathatha indawo yaso. Nento encane bandla iyagula, kulokhu ukusa, igula ngemizwa; izingane ezincane ezimbili. Wenze amaphutha; kanjalo nami, futhi ubani omunye ongawenzanga na? Kodwa ngizama ukusho ukuthi, ukhona Umuntu othize okuthethelelile. Uphakamise isandla sakhe esikhashaneni esedlule; sekuphelile konke. Lokho kuvela enhliziyweni eqinisileyo, engifuna ukukholwa ukuthi kwenzile; bhekisisani nje ukuthi kwenzekani. Uma esengowesifazane osemdala osempunga ekhanda, kuyobe kusalokhu kumile. Kunjalo. Kodwa, unokugula kwemizwa.

182 Akukho-muthi ezweni ongasiza ukugula kwemizwa. Uma uthatha umuthi, ukuthulisa ukugula kwemizwa yakho, uyokwenza ube mubi ngokuphindwe kabili uma usuphela kuwe.

183 Alikho ikhambi lokuguliswa yimizwa, kodwa ngiyajabula kakhulu sikhona isiphiliso. Niyazi, nami kungigulisile lokho, futhi. Sikhona isiphiliso, hhayi ikhambi; isiphiliso, isiphiliso esiphindwe kabili!

184 Entshumayelweni yami yayizolo, emsakazweni: *UkweDuka Kokukhululwa*. Abashumayeli bashaya kube kufishane kakhulu, njengoba kwenza uJoash. Bekufanele ashaye kakhulu.

Kodwa, buka, mfowethu, dadewethu. Ikhambi nguKristu.

185 Noma, mangisho lokhu, epulpiti, emva kwalelibhokisi elielidadlana elakhiwe lapha; kodwa lingcwele nje njenganoma yiliphi ipulpiti leVangeli. Linikelwe kuNkulunkulu. Singabantu abahluphekayo. Lingahle lingaphethwa ngegolide ngaphezulu, kodwa uMoya oNgcwele uze lapha futhi usenzele izinto ezithize ezinkulu.

186 Dadewethu, othandekayo, uNkulunkulu abusise inhliziyo yakho encane. Njengomama, nanjengomntwana, uma uzokwemukela okushiwo nguMfowethu Bill. . . noma uyakutshela manje, ngizokuqinisekisa, s'thandwa, ukuthi uzophuma lapha, uzosinda.

187 Manje, ngenkathi uphakamisa isandla sakho esikhashaneni esedlule, ngalesosikhathi wemukele uKristu. Ngifuna wena, emizuzwini embalwa, ngifuna ukhuphuke uze lapha. Futhi ngingakufakazisa kuwe, nge. . . Wena, yiba ngumahluleli. Ngomusa kaNkulunkulu, noMoya oNgcwele omi lapha manje, ngingakwenza kusuke kuwe. Kunjalo. Angikaze ngikubone kwehluleka. Kodwa manje-ke kuzobuyela kuwe uma usuka lapha, uyabo, uma uzokuvumela. Kodwa uma nje ungeke usakwemukela, akunandaba ukuthi uzwa kanjani; qhubeka uthi, "UJesu Kristu uyangiphilisa."

188 Uyabo, wehlile, Ora May, usuka phezulu *lapha*, lapho owawuvamise ukujabula khona futhi ugibele lelobhayisikili, futhi ugijime wehla wenyuka nomgwaqo lapha. Wawujabule ngaleyonkathi. Wawungenayo imizwa osunayo manje, wawunayo na? Uiyabo? Manje sewehlele phansi *lapha*, yingoba kwakungekho lutho lapho lokukubamba, s'thandwa. Wehlela phansi *lapha*. Kodwa manje ufanele ukukholwe lokho usuphezulu *lapha*, futhi ukukholwe. "Futhi ukukholwa okungenamisebenzi kufile." Uma ukukholwa, khona-ke yenza sengathi uphezulu lapho, futhi-ke uNkulunkulu uzovele nje akwenyusele ngqo phezulu lapho futhi.

189 Nango uAnti wakho Meda ehlezi emuva lapho. Wayenento efanayo. Nganginento efanayo. Ngiyazi ukuthi kuyini, kodwa uNkulunkulu uyiselapho.

Uzokukholwa, kulokhu ukusa, Ora May na?

190 Ngifuna uze lapha. Noma ubani wenu nonke, ogulayo, ukuba nigcotshwe. Kulungile.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

191 Bandla, nonke uyamazi uCurtis. Niyamazi uOra May. Ukubuka uOra May nje, ningabona into ethize yenzeka. Ukhandlekile futhi uyagula. Ora May, lesi yisikhathi sokuxazulula.

192 Kukhona ebengifuna ukukubuza khona. Izikhathi eziningi, Ora May, uthe, "Ukuba nje bengingathola indawo ethize engizoqala kuyo. Ukuba nje bengingaqala ngalesisikhathi ukuzizwa ngingcono, ngikholwa ukuthi bengingazisiza ukuba ngihosheke." Niyabo, kunjalo, akunjalo na? Awu, ususendaweni manje, Ora May. Usendaweni engcono ukwedlula zonke ezweni, ealtare, lapho uMuntu kuphela ezweni ongakusiza, ozokusiza, lowo nguNkulunkulu.

193 Ngifuna nikhothamise amakhanda enu, wonk'umuntu, ajoyine kanye nami emkhulekweni.

194 Baba waseZulwini othandekayo, njengoba lentombazane encane bandla . . . Ukuphila kufishane kabi. Manje isingumama osemncane. Ngiyazi, esikhashaneni esedlule, ngenkathi iphakamisa isandla sayo, sonke isono sisusiwe. Nkulunkulu, iBhayibheli laKho lingufakazi walokho. WaLikhuluma useZulwini, ukuthi, "Oyokholwa, uyokwemukela."

195 Manje, ubhekene nomzabalazo onzima kabi ngaphambi kwakhe, Nkosi. NoSathane uzomphosa, phezulu ngaleya, futhi amephuce lezozingane, bese emhlalisa esikhungweni sezinhlanya, ukuba azingqubuze ngekhanda lakhe odongeni. Kodwa uza endaweni efanele, namhlanje, ealtare. Uza endlini kaNkulunkulu ophilayo. Umi lapha, njengoba kwakunjalo, yedwa, ealtare, kodwa akayedwa. IziNgelosi zikaNkulunkulu zimise nxazonke. UMoya oNgcwele useduzane, futhi. Futhi ungufakazi wokubona izinto eziningi zenzeka, futhi uyazi ukuthi Wena unguNkulunkulu. Futhi ngikhulekela ukuthi, ngayo yonke inhliziyo yami, ngawo wonke umphefumulo wami, ukuthi, ngalolusuku, ukuthi Uzomsiza uOra May.

196 Manje, Baba, ngithatha kuleli-iltare, elihlezi lapha kulendawo engcwele lapho khona uMoya oNgcwele ufanekise ngaphambili . . . Abizwa ngamafutha omnqumo, noma amafutha agcotshiwe, amafutha okugcoba. Kuhambisana nencasiselo yaKho, amafutha avela eminqumweni yegatsha. Namanje njengoba ngiya phambili ukuyogcoba udadewethu ngalamafutha, Wena wathi, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." Emva kokushumayela iVangeli . . .

197 Ngokwazi ukuthi lenkonzo enkulu iyaqubuka, intando yaKho mayenziwe, lapha eIndianapolis, lapho abaningi abaguliswa yimizwa, izithulu, izimungulu, izimpumputhe, nakho konke, bezoma lapho. Kodwa asesabi nakancu. Wena wakukhuluma, ngaphambi kokuba kuqale izwe. Sinokuthinta kwaseZulwini, ngaleya, okusitshela ukuthi kuyiQiniso. Siya phambili-ke ukuphosela inselele lowoDeveli. Abantu bakithi usenkathazweni, njengoba wayenjalo nje uLoti, entshumayelweni kulokhu ukusa, noAbrahama wamlandela.

198 Sathane, siyakuxosha, kulokhu ukusa. Owakithi ozihluphekelayo, udadewethu omncane oshiyiweyo usenkathazweni, futhi siyakuxosha. Ngamafutha agcotshiwe, nangombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngeZwi likaNkulunkulu laPhezulu, neVangeli, siyahamba ukuyobeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Futhi siyakukhipha kuye. UJesu wathi, "Hambani," futhi ngeke kwehluleke; wathi, "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni." Futhi wena ungudeveli. Ekuthobeleni umyalo waKhe, siyakukhipha kulokhu, owami omncane . . . sinxusela manje,

ngokubonakalayo lowo oshiyiweyo. IGazi likaJesu Kristu liyamhlanza kuso sonke isono. Namhlanje uba msulwa futhi uba ngcwele ebusweni bukaNkulunkulu, ngokuvunywa kwesono sakhe, ngokuhlambulula kweVangeli. Siyakukhipha, lokhu ukuguliswa yimizwa. O, yebo, ubumbiza, kodwa ungeke umthinte. Sinxusa iGazi phakathi kwakhe nalokhu. Bami njengomlamuleli. Namanje iyeke intombazane. Idedele ihambe ikhululeke. Futhi kusukela kulolusuku kuqhubeke, kwangathi ingajabula. Ngalezozingane ezincane ezilele lapho.

199 Ngokuba, lowomyeni, kwangathi naye futhi angeza futhi abe ngumKristu. Kwangathi bonke abakhe, futhi ngoluny'usuku eNkazimulweni, indingilizi enkulu yomndeni ingephulwa ngaleya. Vuma ukuba unina, uyise, bonke abakubo, wonke umuntu, babeLapho. O Nkulunkulu, siphe lokhu.

200 Kwangathi angakhululeka kusukela kulelihora. Siyamkhulula, ngothando oluphelele, futhi sikuyala ngeBhayibheli; nangokufa, ukumbelwa, nokuvuka kukaJesu Kristu; ngegazi laKhe noMoya oNgcwele. Simletha kuWe, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

201 Kulungile, hamba manje. Izinto zizobuyela esimweni sazo. Uzizwa ukahle manje? Akukulimazi manje; uzizwa ukahle manje.

202 [Akuqoshwanga eteyipini—Uml.] . . . yiba kanje ngasosonke isikhathi, kuzoba kuhle. Impela. Amen. Manje sekuphelile, sisi, Lokho kukwenza uzizwe usungcono na? Manje usungaphuma lapha, uphume, ube nguOra May futhi, kuphela, uOra May omusha, intombazane ejabule kuKristu. Kwangathi kungahamba konke. Ubuye uze lapha, cishe unyaka kusukela namhlanje, uNkulunkulu ethanda; ungene, uthi, "Mfowethu Branham, uyakhumbula ngokusa owangikhulekela ngakho phezulu laphaya ealtare na? Lokho kwakuxazulula." UNkulunkulu akubusise. Ayibongwe iNkosi.

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

203 Baba wethu waseZulwini, ekuthobeleni umyalo weNkosi yethu noMsindisi, uJesu Kristu, siyaKuthanda namhlanje, ngolumhlophe, olungcwele, uthando olumsulwa. Futhi umusa waKho nesihawu makuphumule phezu kwalowo nalowo. SiyaKubonga ngezihambi esangweni lakithi. Futhi sikhulekela ukuthi Uzobusisa ngamunye.

204 Busisa umelusi wethu othandekayo, uMfowethu Neville, omi nathi emahhanisini eVangeli; asiboshelwe kanye nezwe, kodwa sifakwe amahhanisi noKristu; sifake onke amahhanisi kaNkulunkulu, sidonsa inqola endala yeVangeli iya phambili, ihamba njalo, siboshelwe ndawonye njengezakhamizi zakithi nezinceku zikaNkulunkulu.

205 Busisa bonke abadikoni, abaphatheli, umphathisikhwama, wonke onakile, onke amalunga, ququqaba, izihambi. Nkulunkulu,

kuzoba nomhlangano ngaleya eIndianapolis. Nkulunkulu, angifanele wukubusiswa, kodwa Ungebabusise yini abantu, ngokushunyayelwa kweZwi! Akumangalisi ukuthi amakhulu azoma.

206 Sigcoba lelinenekazi futhi, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uzomsiza futhi ususe inkathazo yakhe, njengoba sibeka izandla phezu kwalo, ngeGama likaJesu Kristu. Manje, Baba waseZulwini, yenza ukuba isihawu saKho selulelwe yena, eGameni likaKristu.

207 Manje amakhanda ethu ekhotheme, angazi manje uma ekhona lapha onga—ongathanda ukuza ealtare, ongafuna ukuza futhi aguqele iZwi lomkhuleko, omukele uKristu, noma uzizwa ukuthi ungathanda nje ukukhuleka kancanyana emva kokuvakashelwa nguMoya oNgcwele. Anizizwa nikahle ngempela ngakho na? Anizizwa nikahle na?

Woza lapha, Mfowethu Neville.

208 Bangaki ongathanda nje ukuphakamisa isandla sakho, wathi, "Ngithanda ukuza ealtare okomkhuleko omncane nje." Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngithanda nje ukuzihlambulula mina uqobo, kancane." O, uNkulunkulu anibusise. Kulungile.

209 Manje, niyabo, uMfowethu uNeville wakithi, ngiyacabanga, ngimqaphelile kuyo yonke imihambo yakhe, ube yindoda ngempela. Ngimthola efana nsuku zonke. Noma ngabe impi ihamba kahle noma ihamba kabi, uMfowethu Neville uhlal'efana. Ngibonga uNkulunkulu ngakho. UMfowethu Neville ubengeke akwenza lokho ngesingaye; kuthatha uNkulunkulu ukukwenza. Futhi ngiyajabula ukuthi lesisigejane sezimvu sinomelusi wezimvu njengoMfowethu Neville. Ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzomsiza futhi umbusise. Ngiyamthanda. Futhi ngiyabathanda abantu baKhe. Nani nonke bantu esibathandayo, futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa.

210 Kodwa manje sisakhothamisa amakhanda ethu futhi, ngizocela ukuthi labo abazothanda ukukhulekelwa, futhi ofuna ukuguqa bese uyazihlambulula wena uqobo, uzoza ngokuzithoba ealtare.

211 Manje, Mfowethu Neville, bakhulekele, uma uthanda. Ngifuna wenu ube phakathi kulokhu. Wonke umuntu ekhuleka.

[UMfowethu Neville uqala ukukhuleka—Umhl.]

Uma uzothola indlela yokuya e al-. . .

